²⁶ Ngenxa yalokhu, uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni ezilahlazo. Labesifazane bakibo benana imvelo yobudlelwano bemacansini ngokungasikho kwemvelo. ²⁷ Ngokufanayo abesilisa labo badela ukuphathana kwemvelo labesifazane batshiseka ngokukhanukana. Abesilisa benza izenzo ezilahlazo lamanye amadoda, bazilethela isijeziso esifanele ukuxhwala kwabo.

²⁸ Phezu kwalokho, njengoba bengazange bacabange ukuthi kufanele bagcine ukumazi uNkulunkulu, wabanikela engqondweni yokuxhwala, ukuba benze okungamelanga kwenziwe. ²⁹ Sebegcwele ngokonakala konke, ububi, ubuhaga kanye lokuxhwala. Bagcwele

* 1:17 1.17 UHabhakhukhi 2.4

umhawu, lokubulala, lengxabano, lenkohliso kanye lolunya. Bangabanyeyayo, ³⁰ labahlebi, labazonda uNkulunkulu, leziqholo, labazigqajayo kanye labazikhukhumezayo; baqala izindlela zokwenza okubi; badelela abazali babo; ³¹ kabaqedisisi, kabathembekanga, kabalathando njalo kabalamusa. ³² Lanxa besazi isimiso esilungileyo sikaNkulunkulu sokuthi labo abenza izinto ezinje bafanele ukufa, kabaqhubeki nje kuphela besenza zona kanye lezizinto, kodwa bayavumelana njalo lalabo abazenzayo.

2

Ukwahlulela Okulungileyo KukaNkulunkulu

¹ Ngakho-ke, kawulasizatho sokuzigeza wena owahlulela omunye, ngoba loba kungaphi owahlulela khona omunye, uyazigweba wena ngokwakho, ngoba wena owahlulelayo wenza izinto ezifanayo. ² Siyakwazi ukuthi ukubahlulela kwakhe uNkulunkulu labo abenza izinto ezinje kweyame eqinisweni. ³ Ngakho lapho-ke, wena muntu nje, ubahlulela, kodwa usenza izinto ezifanayo, ucabanga ukuthi uzakubalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu na? ⁴ Kumbe njalo weyisa ubukhulu bomusa wakhe, ukubekezela kanye lesineke sakhe, ungananzeleli ukuthi umusa kaNkulunkulu ujonge ukukusa ekuphendukeni na?

⁵ Kodwa ngenxa yobuqholo bakho lenhliziyo yakho en-gaphendukiyo, uziqoqela ulaka oluzakuhlupha ngosuku lolaka lukaNkulunkulu, lapho okuzabonakaliswa khona ukwahlulela kwakhe okulungileyo. ⁶ UNkulunkulu “uzakupha umvuzo emuntwini munye ngamunye ngokuhambelana lalokho akwenzileyo.”* ⁷ Kulabo abaphikelela besenza okuhle bedinga inkazimulo, udumo kanye lokungabhubhi, uzakubanika ukuphila okulaphakade. ⁸ Kodwa labo abazin-qinekelayo labala iqiniso balandele ububi, kuzakuba lolaka lokuthukuthela. ⁹ Kuzakuba lokuhlupheka losizi emuntwini wonke owenza okubi, kuqala kumJuda kulandele koweZ-izweni, ¹⁰ kodwa inkazimulo, udumo kanye lokuthula kuye wonke owenza okulungileyo, kuqala kumJuda kulandele koweZizweni. ¹¹ Ngoba uNkulunkulu kalabandlululo.

¹² Bonke abenza isono ngaphandle komthetho bazabhubha ngaphandle komthetho, njalo bonke abenza isono ngaphansi komthetho bazakwahlulelwa ngomthetho. ¹³ Ngoba akusilabo abezwa umthetho abalungileyo emehlweni kaNkulunkulu, kodwa yilabo abalalela umthetho okuzathiwa balungile. ¹⁴ (Ngempela, nxa abeZizwe, abangelawo umthetho, besenza ngokwemvelo

* 2:6 2.6 AmaHubo 62.12; Izaga 24.12

izinto ezifunwa ngumthetho, bangumthetho bona ngokwabo, lanxa bengelawo umthetho, ¹⁵ njengoba bebonakalisa ukuthi okufunwa ngumthetho kulotshiwe ezinhliziyweni zabo, izazela zabo ziyafakaza, imicabango yabo ibasola iphinde ibavikele.) ¹⁶ Lokhu kuzakwenzakala ngosuku uNkulunkulu azakwahlulela imfihlo zabantu ngoJesu Khristu, njengokutsho kwevangeli lami.

AmaJuda LoMthetho

¹⁷ Khathezi-ke wena, nxa uzibiza ngokuthi ungumJuda; nxa uthembe umthetho njalo uzincoma ngobudlelwane bakho loNkulunkulu; ¹⁸ nxa uyazi intando yakhe njalo uvumela okuhle ngoba ufundiswe ngumthetho; ¹⁹ nxa ukholwa ukuthi ungumkhokheli weziphofu, ukukhanya kwalabo abasemnyameni, ²⁰ umeluleki wezithutha, lomfundisi wezingane, ngoba kwezomthetho uhlanganisa ulwazi leqiniso, ²¹ ngakho wena ofundisa abanye, kambe lawe kawuzifundisi na? Wena otshumayela ngokungebi, uyeba na? ²² Wena othi abantu bangafebi, uyafeba na? Wena owenyanya izithombe, uyawaphanga amathempeli na? ²³ Wena ozincoma ngomthetho, uNkulunkulu uyamdelela ngokwephula umthetho na? ²⁴ Njengoba kulotshiwe ukuthi, "Ibizo likaNkulunkulu lihlanjaziwe phakathi kwabeZizwe ngenxa yakho."†

²⁵ Ukusoka kuligugu nxa ugcina umthetho, kodwa nxa usephula umthetho, usufana lokuthi kawusokanga. ²⁶ Nxa labo abangasokanga begcina imfanelo zomthetho, kabayikukhangelwa njengabasokileyo na? ²⁷ Lowo ongasokanga ngokwenyama, kodwa elalela umthetho, uzakulahla wena, okuthi lanxa ulomlayo olotshiweyo njalo usokile, ungumephuli womthetho.

²⁸ Umuntu kasumJuda nxa enguye emehlweni kuphela, loba esokile emehlweni lenyameni kuphela. ²⁹ Hatshi, umuntu ungumJuda nxa enguye ngaphakathi, lokusoka yikusoka kwenhliziyo, ngoMoya, hatshi ngomlayo. Ukubongwa komuntu onjalo akuveli ebantwini, kodwa kuNkulunkulu.

3

Ukuthembeka KukaNkulunkulu

¹ Pho yibungcono bani obukhona ekubeni ngumJuda, loba ligugu bani elikhona ekusokeni na? ² Kukhulu ngezindlela zonke. Okokuqala amaJuda aphathiswe wona kanye amazwi kaNkulunkulu.

† 2:24 2.24 U-Isaya 52.5; UHezekhiyeli 36.22

³ Kuba njani nxa abanye babo babengathembekanga? Ukungathembeki kwabo kungachitha ukuthembeka kukaNkulunkulu na? ⁴ Akunjalo! UNkulunkulu kabe qotho, umuntu wonke abe ngumqambi wamanga. Njengoba kulotshiwe ukuthi:

“Ukuze ubonakaliswe ukuthi uqondile lapho ukhuluma, njalo unqobe lapho usahlulela.”*

⁵ Kodwa nxa ukungalungi kwethu kusenxa ukulunga kukaNkulunkulu kucace kakhulu, thina sizakuthini na? UNkulunkulu kalunganga ngokwehlisela ulaka lwakhe phezu kwethu na? (Mina ngikhuluma njengokubona komuntu.)

⁶ Ngempela akunjalo. Aluba kwakunjalo, uNkulunkulu ubengawahlulela kanjani umhlaba na? ⁷ Omunye angaphikisa athi, “Nxa amanga ami ekhulisa ubuqotho bukaNkulunkulu ngalokho andise udumo lwakhe, kungani lokhe ngilahlwa njengesoni na?” ⁸ Kungani singathi njengoba sigconwa kuthiwa sitsho njalo futhi abanye bathi “Kasenzeni okubi ukuze kuvele okulungileyo na?” Ukuhlahlwa kwabo kufanele.

Kakho Olungileyo

⁹ Pho sizaphetha ngokuthini na? Kambe sesingcono na? Hatshi akunjalo! Sesitshilo ukuthi umJuda loweZizwe bangokufanayo ngaphansi kwamandla esono. ¹⁰ Njengoba kulotshiwe ukuthi:

“Kakho olungileyo, kakho loyedwa;

¹¹ kakho ozwisisayo,
kakho odinga uNkulunkulu.

¹² Bonke baphambukile,
bonke kabasasizi ngalutho;

kakho owenza okuhle,
kakho loyedwa.”†

¹³ “Imiphimbo yabo ingamangcwaba avulekileyo;
inlimi zabo zisebenza ukukhohlisa.”‡

“Ubuhlungu bezinhlanguwana busezindebene zabo.”§

¹⁴ “Imilomo yabo igcwele ukuthuka lentukuthelo.”*

¹⁵ “Inyawo zabo zilesiqubu ekuchitheni igazi;

¹⁶ incithakalo losizi kuphawula izindlela zabo,

¹⁷ indlela yokuthula kabayazi.”†

¹⁸ “Ukumesaba uNkulunkulu akukho emehlweni abo.”‡

¹⁹ Siyakwazi ukuthi loba kuyini okutshiwo ngumthetho, ukutsho kulabo abangaphansi komthetho, ukuze imilomo yonke ithuliswe lomhlaba wonke ube lomlandu

* **3:4** 3.4 AmaHubo 51.4 † **3:12** 3.12 AmaHubo 14.1-3; 53.1-3; UMtshumayeli 7.20 ‡ **3:13** 3.13 AmaHubo 5.9 § **3:13** 3.13 AmaHubo 140.3 * **3:14** 3.14 AmaHubo 10.7 † **3:17** 3.17 U-Isaya 59.7-8 ‡ **3:18** 3.18 AmaHubo 36.1

kuNkulunkulu. ²⁰ Ngakho-ke, kakho okuzathiwa ulungile emehlweni akhe ngokugcina umthetho; kodwa ngomthetho siba lakho ukwazi isono.

Ukulunga Ngokukholwa

²¹ Kodwa khathesi ukulunga okuvela kuNkulunkulu, ngaphandle komthetho, sekwazisiwe, njalo kwafakazelwa nguMthetho labaphrofethi. ²² Ukulunga lokhu

okuvela kuNkulunkulu kufika kubo bonke abakholwa kuJesu Khristu. Akulamehluko phakathi komJuda loweZizwe, ²³ ngoba bonke bonile njalo bayasilela enkazimulweni kaNkulunkulu, ²⁴ njalo bakhululwa ngomusa wakhe kudlula ngensindiso eyeza ngoKhristu uJesu. ²⁵ UNkulunkulu wambeka njengomhlatshelelo wenhlawulo, ngokukholwa egazini lakhe. Wenza lokhu ukuze abonakalise ukulunga kwakhe, ngoba ngokubekezela kwakhe wayekela izono ezenziwe ngaphambilini kungekho kujeziswa, ²⁶ wakwenzela ukubonakalisa ukulunga kwakhe ngalesisikhathi, ukuze abe ngolungileyo njalo onguye

obenza babe ngabalungileyo labo abakholwa kuJesu. ²⁷ Pho kungaphi ukuzincoma? Kutshiywe ngaphandle. Ngasimiso bani na? Esokugcina umthetho na? Hatshi, kodwa ngesokukholwa. ²⁸ Ngoba siyaqinisa ukuthi umuntu ulungiswa yikukholwa langaphandle kokugcina umthetho. ²⁹ UNkulunkulu unguNkulunkulu wamaJuda kuphela na? KasuNkulunkulu wabeZizwe njalo na? Yebo, ungowabeZizwe futhi, ³⁰ njengoba uNkulunkulu emunye kuphela, ozalungisa abasokileyo ngokukholwa labangasokanga ngalokho kukholwa okufanayo. ³¹ Pho, siyawuchitha umthetho ngalokhu kukholwa na? Hatshi, akunjalo! Kodwa, okuyikho yikuthi umthetho siyawusekela.

4

U-Abhrahama Walungiswa Ngokukholwa

¹ Pho sizakuthi kuyini u-Abhrahama, ukhokho wethu, akufumanayo ngokwenyama kule indaba na? ² Nxa, ngempela, u-Abhrahama walungisiswa ngemisebenzi, wayelakho okokuzincoma ngakho, kodwa hatshi phambi kukaNkulunkulu. ³ Kanje umbhalo uthini na? Uthi, "U-Abhrahama wakholwa uNkulunkulu, njalo kwabalwa kuye njengokulunga."*

⁴ Nxa umuntu esebenza, umholo wakhe kawubalwa kuye njengesipho, kodwa njengomlandu. ⁵ Ikanti emuntwini ongasebenziyo kodwa ethemba uNkulunkulu owenza ababi

* 4:3 4.3 UGenesisi 15.6

balunge, ukukholwa kwakhe kubalwa njengokulunga.
 6 UDavidida utsho okufanayo lapho ekhuluma ngokubusiseka komuntu uNkulunkulu ambalela ukulunga ngaphandle kwemisebenzi, esithi:

7 “Babusisiwe labo
 oziphambeko zabo zithethelelwe,
 ozono zabo zisibekelwe.

8 Ubusisiwe lowo
 ongasoze abalelwe isono sakhe yiNkosi.”†

9 Ukubusiseka lokhu ngokwabasokileyo kuphela, kumbe njalo lakwabangasokanga na? Kade sisithi ukukholwa kuka-Abhrahama kwabalwa kuye njengokulunga.

10 Kwabalelwa kusiphi isimo na? Kwakungemva kokuba esesokile, loba ngaphambilini na? 11 Wamukela isibonakaliso sokusoka, uphawu lokulunga abalalo ngokulunga engakasoki. Ngakho-ke, unguyise wabo bonke abakhulwayo, kodwa bengasokanga, ukuze ukulunga kubalelwe kubo. 12 Njalo unguyise wabasokileyo futhi, abangasokanga nje kuphela, kodwa abahamba ezinyathelweni zokholo ubaba u-Abhrahama ayelalo engakasoki.

13 Akuzanga ngomthetho ukuthi u-Abhrahama lenzalo yakhe amukele isithembiso sokuthi uzakuba yindlalifa yomhlaba, kodwa kweza ngokulunga okuza ngokukholwa.

14 Ngoba nxa labo abaphila ngomthetho bezindlalifa, ukukholwa kakulasizo lesithembiso siyize, 15 ngoba umthetho uletha ulaka. Njalo lapho okungelamthetho khona akukho ukona.

16 Ngakho, isithembiso siza ngokukholwa, ukuze sifike ngomusa njalo siqiniseke kuyo yonke inzalo ka-Abhrahama, hatshi kulabo abangabomthetho kuphela, kodwa njalo labo abangabokholo luka-Abhrahama. Ungubaba wethu sonke. 17 Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Sengikwenze waba nguyise wezizwe ezinengi.”‡ Ungubaba emehlweni kaNkulunkulu akholwa kuye, yena onika abafuleyo ukuphila njalo enze izinto ebezingekho zibe khona.

18 Kungekho themba, u-Abhrahama ngethemba wakholwa waba nguyise wezizwe ezinengi, njengoba kwakutshiwo kuye ukuthi, “Izakuba njalo inzalo yakho.”§

19 Engekethisanga ekukholweni kwakhe, wamelana lobuqotho bokuthi umzimba wakhe wawusufana lofileyo, njengoba wayeseleminyaka ephosa ibe likhulu ubudala kanye lokuthi isibeletho sikaSara laso sasesifile. 20 Waqiniswa ekukholweni kwakhe, wapha

† 4:8 4.8 AmaHubo 32.1-2 ‡ 4:17 4.17 UGenesisi 17.5 § 4:18 4.18 UGenesisi 15.5

udumo kuNkulunkulu, ²¹ ekholwe ngokupheleleyo ukuthi uNkulunkulu wayelamandla okwenza lokho ayekuthembisile. ²² Yikho-nje “kwabalelwa kuye njengokulunga.”* ²³ Amazwi athi “kwabalelwa kuye” kawalotshelwanga yena yedwa, ²⁴ kodwa lathi futhi, uNkulunkulu azabalela ukulunga kwethu, thina esikholwa kuye, yena owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo. ²⁵ Wanikelwa ekufeni ngenxa yezono zethu njalo wavuselwa ekuphileni ukuze silungisiswe.

5

Ukuthula Lethemba

¹ Ngakho-ke, njengoba silungisiswe ngokukholwa, silokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, ² esifinyelele ngaye umusa esimi kuwo khathesi ngokukholwa. Njalo siyathokoza ngethemba enkazimulweni kaNkulunkulu. ³ Akunjalo kuphela, kodwa siyathokoza njalo ezinhluphekweni zethu, ngoba siyakwazi ukuthi ukuhlupheka kudala ukuqinisele; ⁴ ukuqinisele, ubuntu; lobuntu, ithemba. ⁵ Njalo ithemba kalisidanisi, ngoba uNkulunkulu usethululele uthando lwakhe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele, asinike yena.

⁶ Liyabona, ngesikhathi esifaneleyo, lapho sisesebuthakathaka, uKhristu wafela abangakholwa kuNkulunkulu. ⁷ Kulivelakancane ukuthi umuntu afele umuntu olungileyo, lanxa kungaba lolesibindi sokufela umuntu olungileyo. ⁸ Kodwa uNkulunkulu ubonakalisa uthando lwakhe kithi ngalokhu: Siseseyizoni, uKhristu wasifela.

⁹ Njengoba khathesi sesilungisiswe ligazi lakhe, pho sizasindiswa kakhulu kangakanani olakeni lukaNkulunkulu ngaye! ¹⁰ Ngoba ngesikhathi sisaseyizitha zikaNkulunkulu, sabuyiselwa kuye ngokufa kweNdodana yakhe, kuzakuba kukhulu kangakanani, sesibuyiselwe, sahlengwa ngokuphila kwakhe! ¹¹ Lokhu akunjalo nje kuphela, kodwa siyathokoza njalo kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, khathesi esesithole ngaye ukubuyisana.

Ukufa Ngo-Adamu, Ukuphila NgoKhristu

¹² Ngakho-ke, njengalokhu isono sangena emhlabeni ngomuntu oyedwa, lokufa ngesono, njalo ngale indlela ukufa kwafika ebantwini bonke, ngoba bonke bona.

* 4:22 4.22 UGenesisi 15.6

¹³ Ngeqiniso isono saba khona emhlabeni umthetho ungakaphawulwa, kodwa isono kasibalelwa emuntwini umthetho ungekho. ¹⁴ Lanxa kunjalo, ukufa kwabusa kusukela ngesikhathi sika-Adamu kusiya esikhathini sikaMosi, kanye lakulabo abangazange benze isono ngokweqa umlayo, njengokwenziwa ngu-Adamu, owayengumfanekiso walowo owayezakuza.

¹⁵ Kodwa isipho kasifani lesiphambeko. Ngoba nxa abanengi bafa ngesiphambeko salowomuntu oyedwa, umusa kaNkulunkulu kanye lesipho eseza ngomusa walowomuntu oyedwa, uJesu Khristu, kwaphuphuma kakhulu okungakanani kwabanengi! ¹⁶ Njalo, isipho sikaNkulunkulu kasifani lalokho okudalwa yisono salowomuntu oyedwa. Ukwahlulela kwalandela isono esisodwa kwaletsa ukulahlwa, kodwa isipho salandela iziphambeko ezinengi saletsa ukulungisiswa. ¹⁷ Ngoba nxa ngesiphambeko salowomuntu oyedwa, ukufa kwabusa ngalowomuntu oyedwa, labo abamukela umusa omnengi kaNkulunkulu kanye lesipho sokulunga bazabusa kakhulu okungakanani ekuphileni ngalowomuntu oyedwa uJesu Khristu.

¹⁸ Ngakho-ke, njengoba okwalandela isiphambeko esisodwa kwaba yikulahlwa kwabantu bonke, ngokunjalo isenzo sokulunga esisodwa saletsa ukulungisiswa lokuphila kwabantu bonke. ¹⁹ Ngoba ngokungalaleli kwalowomuntu oyedwa abanengi baba yizoni, ngokunjalo futhi ukulalela kwalowomuntu oyedwa abanengi bazakwenziwa abalungileyo.

²⁰ Umthetho wabekwa ukuze isiphambeko sande. Kodwa lapho okwanda khona isono, umusa wanda kakhulukazi, ²¹ ukuze kuthi njengoba isono sabusa ekufeni, kuthi ngokunjalo umusa lawo ubuse ngokulunga ukuba ulethe ukuphila okungapheliyo ngoJesu Khristu iNkosi yethu.

6

Ukufa Esonweni, Ukuphila KuKhristu

¹ Ngakho, sizakuthini na? Sizaqhubeka sisenza isono ukuze umusa wande na? ² Akunjalo! Safa ngenxa yesono; pho singaphila kanjani kuso futhi na? ³ Kumbe njalo kalazi yini ukuthi sonke thina esabhaphathizelwa kuJesu Khristu sabhaphathizelwa ekufeni kwakhe na? ⁴ Ngakho sangcwatshwa laye ngokubhaphathizelwa ekufeni, ukuze kuthi njengoba uKhristu wavuswa kwabafuleyo ngobukhosi bukaYise, lathi siphile ukuphila okutsha.

⁵ Nxa sihlanganiswe laye kanje ekufeni kwakhe, ngemela sizahlanganiswa laye futhi ekuvukeni kwakhe. ⁶ Ngoba

siyakwazi ukuthi ubuntu bethu obudala babethelwa laye ukuze umzimba wesono ulahlwe, khona singezukuba yizigqili zesono futhi, ⁷ ngoba lowo osefile usekhululwe esonweni.

⁸ Nxa safa loKhristu, siyakholwa ukuthi sizaphila laye. ⁹ Ngoba siyazi ukuthi njengoba uKhristu wavuswa kwabafileyo, angeke afe futhi; ukufa akuselawo amandla phezu kwakhe. ¹⁰ Ukufa akufayo wakufela bonke kanye ngenxa yesono; kodwa ukuphila akuphilayo, ukuphilela uNkulunkulu.

¹¹ Ngokufanayo, zibaleni njengabafileyo esonweni, kodwa abaphilayo kuNkulunkulu ngoKhristu uJesu. ¹² Ngakho lingavumeli isono ukuba sibuse imizimba yenu efayo ukuba livumele izinkanuko zaso ezimbi. ¹³ Linganikeli izitho zemizimba yenu esonweni njengezikhali zobubi, kodwa zinikeleni kuNkulunkulu njengabavuswe kwabafileyo balethwa ekuphileni; linikele izitho zemizimba yenu kuye njengezikhali zokulunga. ¹⁴ Ngoba isono kasiyikuba ngumbusi wenu, ngoba lina kalikho ngaphansi komthetho, kodwa ngaphansi komusa.

Izigqili Zokulunga

¹⁵ Pho-ke, sizakwenza isono ngoba kasikho ngaphansi komthetho, kodwa ngaphansi komusa na? Akunjalo! ¹⁶ Kalazi yini ukuthi nxa lizinikela komunye umuntu ukuba njengezigqili ezilaleyo, liyizigqili kulowo elimlalelayo, langabe liyizigqili zesono, okuholela ekufeni, loba ezokulalela, okuholela ekulungeni na? ¹⁷ Kodwa-ke, kabongwe uNkulunkulu ngokuthi lanxa laliyizigqili zesono, layilalela ngezinhliziyo ezipheleleyo indlela yemfundiso elabekwa kuyo. ¹⁸ Lakhululwa esonweni laselisiba yizigqili zokulunga.

¹⁹ Lokhu ngikubeka ngamazwi abantu ngoba libuthakathaka ngokwemvelo yobuntu benu. Njengoba lalinikela izitho zemizimba yenu njengezigqili emanyaleni lekuxhwaleni okwandayo, ngakho khathesi zinikeleni njengezigqili ekulungeni okuholela ebungcweleni. ²⁰ Lapho laliyizigqili zesono, lalikhululekile emandleni okulunga. ²¹ Ngumvuzo bani elawutholayo ngalesosikhathi ezintweni eseliyangeka ngazo khathesi? Lezozinto ziphetha ngokufa! ²² Kodwa njengoba khathesi selikhululwe esonweni laba yizigqili kuNkulunkulu, umvuzo eliwutholayo uholela ebungcweleni, lesiphetho yikuphila okungapheliyo. ²³ Ngoba inhlawulo yesono yikufa, kodwa isipho sikaNkulunkulu siyikuphila okungapheliyo kuJesu Khristu iNkosi yethu.

7

Ukukhululwa Emthethweni, Ukubotshwa KuKhristu

¹ Kalazi yini bazalwane, ngoba ngikhuluma ebantwini abawaziyo umthetho, ukuthi umthetho ulamandla phezu komuntu nxa esaphila kuphela na? ² Njengesibonelo, ngomthetho owesifazane owendileyo ubotshelwe kumkakhe nxa esaphila, kodwa umkakhe angafa, uyakhululwa emthethweni wokuthathana. ³ Kungakho-ke, angendela kwenye indoda umkakhe esaphila uthiwa yisifebe. Kodwa umkakhe angafa, uyakhululwa kulowomthetho angabi yisifebe, lanxa esesendela kwenye indoda.

⁴ Ngakho-ke, bazalwane bami, lani lafela emthethweni ngomzimba kaKhristu, ukuze libe ngabomunye, kuye owavuswa kwabafileyo, ukuze sithele izithelo kuNkulunkulu. ⁵ Ngoba sisabuswa yimvelo elesono, izinkanuko zesono ezavuswa ngumthetho zazisebenza emzimbeni yethu, okwenza sathelala ukufa izithelo. ⁶ Kodwa khateshi, ngokufela kulokho okwake kwasibopha, sesikhululiwe emthethweni ukuze sikhonze ngendlela entsha yoMoya hatshi ngendlela endala yezimiso ezilotshiweyo.

Umthetho Lesono

⁷ Ngakho sizakuthini na? Umthetho uyisono na? Ngempela kawusiso! Ngeqiniso mina ngangingasoze ngazi ukuthi isono siyini kungesiwo umthetho. Ngoba ngangingayikwazi ukuthi ukuhawukela ngempela kuyini aluba umthetho ungatshongo ukuthi, "Ungahawukeli."* ⁸ Kodwa isono, sathatha ithuba elaletswa ngumlayo, saveza kimi inhlobo zonke zenkanuko yokuhawukela. Ngoba ngaphandle komthetho, isono sifile. ⁹ Mina ngake ngaphila ngaphandle komthetho; kodwa kwathi ekufikeni komlayo, isono savuka saphila, mina ngafa. ¹⁰ Ngathola ukuthi umlayo lowo owawuhlose ukuletha ukuphila waletha ukufa. ¹¹ Ngoba isono sathatha ithuba elaletswa ngumlayo, sangikhohlisa, kwathi ngomthetho sangibulala. ¹² Ngakho-ke, umthetho ungawe, lomlayo ungawe, ulungile njalo muhle.

¹³ Kanti lokho okuhle kube yikufa kimi na? Akunjalo! Kodwa ukuze isono sibonakale siyisono, saletha ukufa kimi ngalokho okwakukuhle, ukuze kuthi ngomlayo isono sibe yisono esipheleleyo.

¹⁴ Siyakwazi ukuthi umthetho ungokomoya; kodwa mina ngingowenyama, ngathengiswa esonweni njengesigqili. ¹⁵ Engikwenzayo angikuzwisisi. Ngoba lokho

* 7:7 U-Eksodasi 20:17; UDutheronomi 5:21

engifuna ukukwenza angikwenzi, kodwa lokho engikuzon-dayo ngiyakwenza. ¹⁶ Ngakho nxa ngisenza lokho engingafuni kukwenza, ngiyavuma ukuthi umthetho ulungile. ¹⁷ Njengoba kunje, akuseyimi uqobo okwenzayo, kodwa isono esihlala kimi. ¹⁸ Ngiyakwazi ukuthi akulalutho oluhle oluhlala kimi, okutsho imvelo yami elesono. Ngoba ngilesifiso sokwenza okuhle, kodwa angingeke ngikufeze. ¹⁹ Ngoba engikwenzayo akusikho okuhle engifuna ukukwenza; hatshi, okubi engingafuniyo ukukwenza, lokhu ngiqhubeka ngikwenza. ²⁰ Nxa ngisenza engingafuni kukwenza, akuseyimi okwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi esikwenzayo.

²¹ Ngakho ngithola umthetho lo usebenza ukuthi: Lapho ngifuna ukwenza okuhle, okubi kulami khonapho. ²² Ngoba ebuntwini bami bangaphakathi ngiyathokoza ngomthetho kaNkulunkulu; ²³ kodwa ngibona omunye umthetho usebenza ezithweni zami, usilwa lomthetho wengqondo yami ungenza ngibe yisibotshwa somthetho wesono osenzayo ezithweni zami. ²⁴ Yeka isinothongwana esengiyiso sona. Ngubani ozangihlenga kulo umzimba wokufa? ²⁵ Kabongwe uNkulunkulu ngoJesu Khristu iNkosi yethu!

Ngakho-ke, mina engqondweni yami ngiyisigqili somthetho kaNkulunkulu, kodwa ngokwemvelo yami yesono ngiyisigqili somthetho wesono.

8

Ukuphila NgoMoya

¹ Ngakho, khathesi akusekho ukulahlwa kulabo abakuKhristu uJesu, ² ngoba ngoKhristu uJesu umthetho woMoya wokuphila wangikhulula emthethweni wesono lokufa. ³ Ngoba lokho umthetho owawungelamandla okukwenza ngoba waxegiswa yimvelo elesono, uNkulunkulu wakwenza ngokuthuma iNdodana yakhe ngesimo somuntu olesono ukuba ibe ngumnikelo wesono. Ngakho isono yasilahla emuntwini olesono, ⁴ ukuze izimiso ezilungileyo zomthetho zipheleliswe kithi, thina esingaphili ngokwemvelo yesono, kodwa ngokoMoya.

⁵ Labo abaphila ngokwemvelo yesono ingqondo zabo zigxile kulokho okufiswa yileyomvelo, kodwa labo abaphila ngokwakoMoya ingqondo zabo zigxile kulokho okufiswa nguMoya. ⁶ Ingqondo yomuntu olesono yikufa, kodwa ingqondo ebuswa nguMoya yikuphila lokuthula; ⁷ ingqondo yimvelo yesono iyamzonda uNkulunkulu. Kayiwuvumi umthetho kaNkulunkulu, njalo ayingeke yenze njalo. ⁸ Labo

ababuswa yimvelo yesono abangeke bamthokozise uNkulunkulu.

⁹ Kodwa lina kalibuswa yimvelo yesono, kodwa nguMoya, nxa uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Njalo nxa umuntu engelaye uMoya kaKhristu, kasuye kaKhristu. ¹⁰ Kodwa nxa uKhristu ekini, umzimba wenu ufile ngenxa yesono, kodwa umoya wenu uyaphila ngenxa yokulunga. ¹¹ Njalo nxa uMoya walowo owavusa uKhristu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKhristu kwabafileyo, imizimba yenu efayo uzayinika ukuphila ngoMoya wakhe ohlala kini.

¹² Ngakho-ke, bazalwane, silomlandu, kodwa kawungabi yimvelo yesono ukuba siphile ngokwawo. ¹³ Ngoba nxa liphila ngokwemvelo yesono, lizakufa; kodwa nxa kungoMoya libulala izenzo ezimbi zomzimba, lizaphila, ¹⁴ ngoba labo abakhokhelwa nguMoya kaNkulunkulu bangamaddana kaNkulunkulu. ¹⁵ Ngoba kalamukelanga umoya olenza libe yizigqili, ukuze liphile ngokwesaba, kodwa lamukela uMoya wobundodana. Njalo siyamemeza ngawo sithi, “*Abha, Baba.*” ¹⁶ UMoya uqobo uyafakaza lomoya wethu ukuthi thina singabantwana bakaNkulunkulu. ¹⁷ Ngakho, nxa singabantwana, sizindlalifa, izindlalifa zikaNkulunkulu lezindlalifa kanye loKhristu, nxa sihlanganyela laye impela ezinhluphekweni zakhe ukuze sihlanganyele laye njalo enkazimulweni yakhe.

Inhlupheko Zakhathesi Lenkazimulo Ezayo

¹⁸ Ngikholwa ukuthi inhlupheko zethu zakhathesi kazifanelanga ukulinganiswa lenkazimulo ezabonakaliswa kithi. ¹⁹ Indalo ilindile ngokulangazelela okukhulu ukuba abantwana bakaNkulunkulu babonakaliswe. ²⁰ Ngoba indalo ihlezi ihlukuluzekile, kungasintando yayo, kodwa kungentando yalowo oyihlukuluzayo, ngethemba ²¹ lokuthi indalo yona ngokwayo izakhululwa ebugqilini bokonakala ilethwe enkululekweni elenkazimulo yabantwana bakaNkulunkulu.

²² Siyakwazi ukuthi indalo yonke ibubula njengosebuhlungwini bokuhelwa kuze kube khathesi. ²³ Akunjalo kuphela, kodwa lathi uqobo esilezithelo zakuqala zikaMoya, siyabubula ngaphakathi silindile ngokutshiseka ukwamukelwa njengamaddana, ukuhlengwa kwemizimba yethu. ²⁴ Ngoba ngalelithemba sasindiswa. Kodwa ithemba elibonakalayo kalisilothemba. Ngubani othemba lokho avele eselakho na? ²⁵ Kodwa nxa sithemba lokho esingakabi lakho, siyakulindela ngokubekezela.

²⁶ Ngokufananayo, uMoya uyasisiza ebuthakathakeni bethu. Kasikwazi okumele sikukhulekele, kodwa uMoya

uqobo uyasinxusela ububula okungeke kuchazwe ngamazwi. ²⁷ Njalo yena lowo ohlola inhliziyi zethu uyayazi ingqondo kaMoya, ngoba uMoya uyabanxusela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu.

²⁸ Njalo siyakwazi ukuthi ezintweni zonke uNkulunkulu usebenzela okuhle kulabo abamthandayo, ababizwe ngokwenjongo yakhe. ²⁹ Ngoba labo uNkulunkulu abazi ngaphambilini wabamisela ukuba babe lesimo esifana leseNdodana yakhe, ukuze abe lizibulo phakathi kwabazalwane abanengi. ³⁰ Labo abamiselayo, wababiza; labo ababizayo, wabenza balunga; labo abenza balunga, wabanika inkazimulo.

Okwedlula Abanqobi

³¹ Pho sizakuthini ngalokhu na? Nxa uNkulunkulu elathi ngubani ongamelana lathi na? ³² Yena ongayigodlanga iNdodana yakhe, kodwa wayinikelela thina sonke, angayekela kanjani ukusipha ngesihle izinto zonke kanye layo na? ³³ Ngubani ozababeka icala labo abakhethwe nguNkulunkulu na? NguNkulunkulu olungisayo. ³⁴ Ungubani lowo olahlayo? UKhristu Jesu owafayo, okudlula lokho, owavuswayo waphila, usesandleni sokunene sikaNkulunkulu njalo laye uyasinxusela. ³⁵ Ngubani ozasehlukanisa lothando lukaKhristu na? Yikuhlupheka kumbe ukudubeka loba ukuhlukuluzwa kumbe indlala loba ukuhamba ze loba ingozi kumbe inkemba na? ³⁶ Njengoba kulotshiwe ukuthi: "Ngenxa yakho, sikhangelane lokufa ilanga lonke;

sithathwa njengezimvu ezizahlatshwa."*

³⁷ Hatshi, kuzozonke lezizinto singaphezu kokuba ngabanqobi ngaye owasithandayo. ³⁸ Ngoba ngiyakholwa ukuthi loba yikufa kumbe ukuphila, loba yizingilosi kumbe amadimoni, loba khatesi kumbe isikhathi esizayo, loba kungamandla bani, ³⁹ loba kuyikuphakama kumbe ukuzika, loba olunye ulutho kukho konke okudaliweyo, akuyikusehlukanisa lothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu iNkosi yethu.

9

Ukukhathazeka KukaPhawuli Ngo-Israyeli

¹ Ngikhuluma iqiniso ngikuKhristu, kangiqambi manga, isazela sami siyakufakaza lokhu ngoMoya oNgcwele, ² Ngilosizi olukhulu lobuhlungu obungapheliyo enhliziyweni yami. ³ Ngoba ngangifisa ukuba ngabe mina uqobo ngiyaqalekiswa ngisuswe kuKhristu ngenxa yabazalwane

* 8:36 8.36 AmaHubo 44.22

bami, labo abohlanga lwami ngokwenyama, ⁴ abantu bako-Israyeli. Okwabo yikwamukelwa njengamadodana, ngeyabo inkazimulo kaNkulunkulu, lesivumelwano, lokwamukela umthetho, lenkonzo yasethempelini kanye lezithembiso. ⁵ Okhokho ngababo, njalo lusukela kubo usendo lwenyama lukaKhristu, onguNkulunkulu ophezu kwakho konke, odunyiswa kokuphela! Ameni.

Ukukhetha Kobukhosi KukaNkulunkulu

⁶ Akunjengokuthi ilizwi likaNkulunkulu lehluleka. Ngoba akusibo bonke abayinzalo ka-Israyeli abangama-Israyeli. ⁷ Njalo ngoba yinzalo yakhe akusibo bonke abangabantwana baka-Abhrahama. Kodwa-ke, "Isizukulwane sakho sizabalwa ngo-Isaka."* ⁸ Ngamanye amazwi, akusibantwana benyama abangabantwana bakaNkulunkulu, kodwa ngabantwana besithembiso ababalwa njengenzalo ka-Abhrahama. ⁹ Ngoba isithembiso satshiwo kanje: "Ngesikhathi esimisiweyo ngizaphenduka, njalo uSara uzakuba lendodana."†

¹⁰ Akusilokho kuphela, kodwa abantwana bakaRabheka bazalwa sikhathi sinye ngubaba wethu u-Isaka. ¹¹ Kodwa amaphahla engakazalwa loba ukwenza ulutho oluhle kumbe olubi, ukuba inhloso kaNkulunkulu yokukhetha iqhubeka; ¹² hatshi ngemisebenzi kodwa ngaye obizayo, watselwa ukuthi, "Omdala uzakhonza omncinyane."‡ ¹³ Njengoba kulotshiwe ukuthi, "UJakhobe ngamthanda, kodwa u-Esawu ngamzonda."§

¹⁴ Pho sizakuthini na? UNkulunkulu kalunganga na? Akunjalo! ¹⁵ Ngoba uthi kuMosi: "Ngizakuba lesihawu kulowo engilesihawu kuye,

njalo ngizakuba lozwelo kulowo engilozwelo kuye."*

¹⁶ Ngakho-ke, akuyi ngesifiso somuntu loba umzamo wakhe, kodwa ngesihawu sikaNkulunkulu. ¹⁷ Ngoba umbhalo uthi kuFaro, "Ngakuphakamisela injongo yonale kanye, ukuze ngibonakalise amandla ami kuwe lokuthi ibizo lami litshunyayelwe emhlabeni wonke."† ¹⁸ Ngakho uNkulunkulu ulesihawu kulowo athanda ukuba lesihawu kuye, njalo umenza abe lukhuni lowo athanda ukumenza abe lukhuni.

¹⁹ Omunye wenu uzakuthi kimi: "Pho kungani uNkulunkulu esisola? Ngoba ngubani ongamelana lentando yakhe na?" ²⁰ Kodwa ungubani wena, ungumuntu, ukuba uphendule uNkulunkulu na? Kambe okubunjiweyo kungatsho yini kulowo owakubumbayo kuthi, "Kungani wangenza

* 9:7 9.7 UGenesisi 21.12 † 9:9 9.9 UGenesisi 18.10, 14 ‡ 9:12 9.12 UGenesisi 25.23 § 9:13 9.13 UMalaki 1.2-3 * 9:15 9.15 U-Eksodasi 33.19 † 9:17 9.17 U-Eksodasi 9.16

ngabanje na?"‡ 21 Umbumbi kalalo yini ilungelo lokuba ngengxenye yebumba efanayo enze okunye okubunjiweyo okomsebenzi omuhle lokomsebenzi ojayekekileyo na?

22 Kwakungaba njani-ke nxa uNkulunkulu wakhetha ukutshengisa ukubekezela okukhulu ezidalweni zentukuthelo yakhe ezazimiselwe ukubhujiswa etshengisa ulaka lwakhe lokwenza amandla akhe aziwe. 23 Kube kunjani nxa wenza lokhu ukuze enze ubuhle benkazimulo yakhe bazakale ezintweni zesihawu sakhe, azilungisela inkazimulo ngaphambilini, 24 kanye lathi asibizayo, hatshi kumaJuda kuphela, kodwa lakwabeZizweni? 25 Njengoba esitsho kuHosiya ukuthi:

"Ngizababiza ngokuthi 'ngabantu bami,'§
labo Abangasibantu bami;
njalo ngizambiza 'sithandwa sami,'
lowo ongasiso isithandwa sami,"

26 njalo,

"Kuzakwenzakala ukuba kuyo kanye indawo lapho okwathiwa kubo,

'Kalisibo bantu bami,'*
bazabizwa ngokuthi
'ngabantwana bakaNkulunkulu ophilayo.' "

27 U-Isaya uyamemezela ngo-Israyeli esithi:

"Lanxa inani labako-Israyeli linjengetshebetshebe ngasolwandle,
kuzasindiswa insalela kuphela.

28 Ngoba iNkosi izasifeza
isigwebo sayo emhlabeni ngesiqubu lan-
gokuphelelisa."†

29 Kunjengoba u-Isaya watsho mandulo ukuthi:

"Aluba iNkosi uSomandla
wayengasitshiyelanga inzalo,
sasizakuba njengeSodoma,
sasizafana leGomora."‡

Ukungakholwa Kuka-Israyeli

30 Pho sizakuthini na? Sithi abeZizweni abangakudinganga ukulunga, sebekutholile, ukulunga okungokukholwa;

31 kodwa u-Israyeli owalandela umthetho wokulunga, kakutholanga. 32 Kungani na? Ngoba kabawulandelanga ngokukholwa, kodwa kwakungemisebenzi. Bakhubeka elitsheni elikhubayo. 33 Njengoba kulotshiwe ukuthi:

"Khangalani, ngibeka eZiyoni ilitshe elikhubekisa abantu ledwala elibenza bawe,

‡ 9:20 9.20 U-Isaya 29.16; 45.9 § 9:25 9.25 UHosiya 2.23 * 9:26 9.26 UHosiya 1.10 † 9:28 9.28 U-Isaya 10.22-23 ‡ 9:29 9.29 U-Isaya 1.9

njalo lowo okholwa kuye kazukuyangiswa.”[§]

10

¹ Bazalwane, isifiso senhliziyo yami lomkhuleko wami kuNkulunkulu ngabako-Israyeli yikuba basindiswe.

² Ngoba ngingafakaza ngabo ukuthi batshisekela uNkulunkulu, kodwa ukutshiseka kwabo akugxilanga ekwazini. ³ Njengoba ukulunga okuvela kuNkulunkulu bengakwazanga bafuna ukumisa okwabo, kabavumanga ukuzibeka ngaphansi kokulunga kukaNkulunkulu.

⁴ UKhristu uyisiphetho somthetho ukuze kube lokulunga kubo bonke abakholwayo.

⁵ UMosi ukuchaza ngale indlela ukulunga okungomthetho: “Umuntu owenza izinto lezi uzaphila ngazo.”* ⁶ Kodwa ukulunga okungokukholwa kuthi: “Ungabokutsho enhliziyweni yakho ukuthi, ‘Ngubani ozakwenyukela ezulwini na?’†” (okuyikuthi, ukwehlisa uKhristu)

⁷ “loba, ‘Ngubani ozakwehlela ekuzikeni kolwandle na?’‡” (okuyikuthi, ukuvusa uKhristu kwabafileyo). ⁸ Kodwa kuthini na? “Ilizwi liseduze lawe, lisehlonyeni wakho lasenhliziyweni yakho,”[§] lokho yikuthi, ilizwi lokukholwa esilitshumayelayo: ⁹ nxa uvuma ngomlomo wakho usithi, “UJesu uyiNkosi,” njalo ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uzasindiswa. ¹⁰ Ngoba ukholwa ngenhliziyo yakho njalo ulungiswa ngayo, njalo kungomlomo wakho ovuma ngawo usindiswe. ¹¹ Njengoba uMbhala usithi, “Loba ngubani okholwa kuye akayikuyangiswa.”* ¹² Ngoba kawukho umahluko phakathi komJuda loweZizwe, iNkosi yinye iyiNkosi yabo bonke njalo iyababusisa kakhulu bonke abakhuleka kuyo, ¹³ ngoba, “Wonke obiza ibizo likaThixo uzasindiswa.”†

¹⁴ Pho, bangakhuleka kanjani kulowo abangakholwa kuye? Njalo bangakholwa njani kulowo abangakaze bezwe ngaye na? Njalo bangezwa njani kungekho otshumayela kubo na? ¹⁵ Njaloangatshumayela njani ngaphandle kokuba bethunyiwe na? Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Yeka ubuhle bezinyawo zalabo abaletha izindaba ezinhle!”‡

¹⁶ Kodwa akusibo bonke abako-Israyeli abazamukelayo izindaba ezinhle. Ngoba u-Isaya uthi, “Nkosi, ngubani olikholiweyo ilizwi lethu na?”[§] ¹⁷ Ngakho-ke,

¹⁶ Kodwa akusibo bonke abako-Israyeli abazamukelayo izindaba ezinhle. Ngoba u-Isaya uthi, “Nkosi, ngubani olikholiweyo ilizwi lethu na?”[§] ¹⁷ Ngakho-ke,

[§] 9:33 9.33 U-Isaya 8.14; 28.16 * 10:5 10.5 ULevi 18.5 † 10:6 10.6

UDutheronomi 30.12 ‡ 10:7 10.7 UDutheronomi 30.13 § 10:8 10.8

UDutheronomi 30.14 * 10:11 10.11 U-Isaya 28.16 † 10:13 10.13 UJoweli

2.32 ‡ 10:15 10.15 U-Isaya 52.7 § 10:16 10.16 U-Isaya 53.1

ukukholwa kuvela ekuzweni ilizwi, lelizwi lizwakala nge-
lizwi likaKhristu. ¹⁸ Kodwa ngiyabuza ngithi: Kabezwanga
na? Impela bezwa ukuthi:

“Ilizwi labo liphumile laya kuwo wonke umhlaba,
amazwi abo emikhawulweni yomhlaba.”*

¹⁹ Ngiyabuza njalo ngithi: U-Israyeli kaqedisisanga na?
Kuqala uMosi uthi,

“Mina ngizalenza libe lomona kulabo abangasiso sizwe;
ngizalenza lithukuthelele isizwe esingelakho ukuqedis-
isa.”†

²⁰ Lo-Isaya ukhuluma ngesibindi uthi,

“Ngatholwa yilabo ababengangingi;
ngazibonakalisa kulabo abangangicelanga.”‡

²¹ Kodwa mayelana lo-Israyeli uthi,

“Ilanga lonke ngelulele izandla zami
ebantwini abangalaleliyo labayiziqholo futhi.”§

11

Insalela Yako-Israyeli

¹ Lapho-ke ngiyabuza ngithi: Kanti uNkulunkulu wa-
balahla yini abantu bakhe? Hatshi akunjalo! Mina
uqobo ngingum’Israyeli inzalo ka-Abhrahama, owesizwana
sikaBhenjamini. ² UNkulunkulu kabalahlanga abantu

bakhe abazi kuqala. Kalikwazi yini ukuthi uMbhalo
uthini esahlukwaneni ngo-Elija, ukuthi wakhalaza njani
kuNkulunkulu esola u-Israyeli esithi: ³ “Nkosi, babab-
ulele abaphrofethi bakho, badiliza lama-alithare akho;
yimi ngedwa engiseleyo, njalo bafuna ukungibulala?”*

⁴ Impendulo kaNkulunkulu kuye yathini na? Yathi,
“Ngizigoddele mina ngokwami abazinkulungwane eziy-
isikhombisa abangamkhotamelanga uBhali.”† ⁵ Ngakho
futhi, ngalesisikhathi kulensalela ezakhethwa ngomusa.

⁶ Njalo nxa kungomusa, ngakho akuseyikho ngemisebenzi;
nxa kwakunjalo, umusa wawungeke ube usaba ngumusa.

⁷ Pho-ke? Lokho u-Israyeli akufuna ngokuzimisela
kakuzuzanga, kodwa abakhethiweyo bakuthola. Abanye
baba lukhuni, ⁸ njengoba kulotshiwe ukuthi:

“UNkulunkulu wabanika umoya wokozela,

lamehlo ukuze bangaboni,

lendlebe ukuze bangezwa,

kuze kube lamhla.”‡

* **10:18** 10.18 AmaHubo 19.4 † **10:19** 10.19 UDutheronomi 32.21 ‡ **10:20**
10.20 U-Isaya 65.1 § **10:21** 10.21 U-Isaya 65.2 * **11:3** 11.3 1 Amakhosi 19.10,
14 † **11:4** 11.4 1 Amakhosi 19.18 ‡ **11:8** 11.8 UDutheronomi 29.4; U-Isaya
29.10

⁹ Njalo uDavida uthi:

“Sengathi itafula yabo ingaba ngumjibila lesifu,
isikhubekiso kanye lesijeziso kubo.

¹⁰ Sengathi amehlo abo angafiphala ukuze bangaboni,
lamaqolo abo akhokhobe kokuphela.”§

Amagatsha Axhunyelelweyo

¹¹ Ngiyabuza njalo ngithi: Kambe bangabe bakhubeka bawa okungangokuthi kakuselakuphepha na? Akunjalo! Kodwa ngenxa yesiphambeko sabo, ukusindiswa sekufikile kwabeZizwe ukuba kwenze u-Israyeli abe lomona.

¹² Kodwa nxa isiphambeko sabo sisitsho inotho emhlabeni, lencithakalo yabo isitsho inotho kwabeZizwe, inkulu kangakanani inotho elethwa yikuphelela kwabo!

¹³ Ngikhuluma lani lina abeZizwe. Njengoba ngingumpostoli wabezizwe, ngikhulisa inkonzo yami ¹⁴ ngethemba lokuthi mhlawumbe ngingavusa umona ebantwini bakithi ngisilise abanye babo. ¹⁵ Ngoba nxa ukulahlwa kwabo kuyikubuyisana komhlaba, ukwamukelwa kwabo kuza-kuba yini na ngaphandle kokuphila okuvela kwabafileyo?

¹⁶ Nxa ingxenye yenhlama enikelwe njengezithelo zakuqala ingcwele, injalo yonke enye; nxa impande zingcwele, zinjalo lezingatsha.

¹⁷ Nxa ezinye ingatsha zephulwe, njalo wena, lanxa ulihlumela lom’oliva weganga, usuxhunyelelwe phakathi kwezinye njalo usuhlanganyela emhluzini okhulisayo ovela empandeni zom’oliva, ¹⁸ ungazincomi ngalezongatsha. Nxa ukwenza, cabanga ngalokhu: Impande kakusuwe oyithwalayo, kodwa impande yiyo ekuthweleyo. ¹⁹ Lapho-ke lina lizakuthi, “Ingatsha zephulwa ukuze mina ngixhunyelelwe.” ²⁰ Yebo. Kodwa zephulwa ngenxa yokungakholwa, kodwa lina limi ngokukholwa. Lingazikhukhumezi, kodwa yesabani. ²¹ Ngoba nxa uNkulunkulu engaziyekelanga ingatsha zemvelo, lani kasoze aliyekele.

²² Ngakho cabangani ngesisa njalo lobulukhuni bukaNkulunkulu: ubulukhuni kulabo abawayo, kodwa isisa kini, nxa liqhubeka esiseni sakhe. Kungenjalo, lani lizaqunywa.

²³ Njalo nxa bengaphikeleli ngokungakholwa, bazaxhunyelelwa, ngoba uNkulunkulu uyenelisa ukubaxhumelela futhi. ²⁴ Phezu kwalokho, nxa laliqunywe esihlahleni som’oliva weganga ngemvelo, kwathi ngokuphambene lemvelo laxhunyelelwa esihlahleni se-oliva esilinywayo,

pho kuzakuba lula kakhulu okunjani kulezi, ingatsha zemvelo, ukuba zixhunyelwe esihlahleni sazo se-oliva.

U-Israyeli Wonke Uzasindiswa

²⁵ Bazalwane, kangifuni ukuthi lingaze lazi ngale imfihlakalo, ukuze lingazikhukhumezi: U-Israyeli useyibonile ingxenye yokuba lukhuni inani elipheleleyo labeZizwe lize lingene. ²⁶ Ngokunjalo u-Israyeli wonke uzasindiswa, njengoba kulotshiwe ukuthi:

“Umkhululi uzafika eZiyoni:

uzasusa kuJakhobe ukungakholwa.

²⁷ Lesi yisivumelwano sami labo

lapho ngizisusa izono zabo.”*

²⁸ Mayelana levangeli, bayizitha ngenxa yenu; kodwa mayelana lokukhetha, bayathandwa ngenxa yabokhokho, ²⁹ ngoba izipho zikaNkulunkulu lokubiza kwakhe akuguquleki. ³⁰ Njengoba lina elake ladelela uNkulunkulu khathesi selamukele umusa ngenxa yokudelela kwabo, ³¹ ngokunjalo labo, ngenxa yomusa kaNkulunkulu kini, kabasalaleli ukuze labo khathesi bamukele umusa. ³² Ngoba uNkulunkulu ubophele abantu bonke ekudeleleni ukuze abe lomusa kubo bonke.

Ihubo Lokubonga

³³ Yeka ukuzika kwenotho yenhlakanipho kanye lokwazi kukaNkulunkulu!

Yeka ukwahlulela kwakhe okungeke kuhlolwe, kanye lezindlela zakhe ezingeke zilandelwe!

³⁴ “Ngubani owake wayazi ingqondo yeNkosi na?

Loba owake waba ngumcebisi wayo na?”†

³⁵ “Ngubani owake wanika uNkulunkulu

ulutho ukuba uNkulunkulu aluhlawule na?”‡

³⁶ Ngoba izinto zonke zivela kuye langaye njalo futhi zikuye.

Udumo kalube kuye kuze kube laphakade! Ameni.

12

Imihlatshelo Ephilayo

¹ Ngakho-ke, ngiyalincenga bazalwane, ngenxa yomusa kaNkulunkulu, ukuba linikele imizimba yenu njengemihlatshelo ephilayo, engcwele lemthokozisayo uNkulunkulu, okuyikukhonza kwenu ngomoya. ² Lingavumi futhi ukulingisa umhlaba lo, kodwa liguqulwe ingqondo zenu

* **11:27** 11.27 U-Isaya 59.20-21; 27.9; UJeremiya 31.33-34 † **11:34** 11.34 U-Isaya 40.13 ‡ **11:35** 11.35 UJobe 41.11

zibe zintsha. Lapho-ke lizakwenelisa ukuhlola lokwamukela lokho okuyintando kaNkulunkulu, intando yakhe elungileyo, ethokozisayo lepheleleyo.

Inkonzo Yokuzehlisa Emzimbeni KaKhristu

³ Ngoba ngomusa engiwuphiweyo ngithi kini lonke: Lingacabangi ngokuzazisa kakhulu ukwedlula okufaneleyo, kodwa lizicabangele ngokuqonda, ngokuhambelana lesilinganiso sokukholwa uNkulunkulu aliphe khona. ⁴ Njengalokhu omunye lomunye wethu elomzimba owodwa olezitho ezinengi, njalo izitho lezi zonke kazenzi msebenzi munye, ⁵ Ngokunjalo kuKhristu thina abanengi sibumba umzimba owodwa, njalo ilunga linye ngalinye ngelawamanye wonke. ⁶ Silezipho ezehlukeneyo, kusiya ngomusa esawuphiwayo. Nxa isipho somuntu siyikuphrofitha, kasisebenzise ngokulingana lokukholwa kwakhe. ⁷ Nxa siyikukhonza, kakhonze: nxa siyikufundisa, kafundise; ⁸ nxa singesokukhuthaza, kakhuthaze; nxa siyikupha, kasiphe ngothando; nxa siyibukhokheli, kabuse ngokukhuthala; nxa siyikubonakalisa umusa, kakwenze ngokuthokoza.

Uthando

⁹ Uthando kumele lube qotho. Zondani okubi libambelele kokulungileyo. ¹⁰ Zimiseleni omunye komunye ngothando lobuzalwane. Hloniphanani okudlula ukuzihlonipha kwenu. ¹¹ Lingaphelelwa yikutshiseka, kodwa gcinani ukutshiseka kwenu komoya, likhonza iNkosi. ¹² Thokozani ekwethembeni, libekezele ekuhlukuluzweni, libambelele ekukhulekeni. ¹³ Bapheni abantu bakaNkulunkulu abaswelayo. Zejwayezeni ukuphana.

¹⁴ Babusiseni labo abalihluphayo; busisani lingaqalekisi. ¹⁵ Thokozani lalabo abathokozayo, lilile lalabo abalilayo. ¹⁶ Hlalisani ngokuzwana. Lingazigqaji, kodwa lihlanganyele labantukazana. Lingazikhukhumezi.

¹⁷ Lingaphindiseli muntu okubi ngokubi. Nanzelelani ukwenza okulungileyo phambi kwabantu bonke. ¹⁸ Nxa kusenzakala, kusiya mayelana lokubona kwenu, hlalani ngokuthula labantu bonke. ¹⁹ Lingaphindiseli, bangane bami abathandekayo, kodwa litshiyele ulaka lukaNkulunkulu ithuba, ngoba kulotshiwe ukuthi: "Ukuphindisela ngokwami; ngizabuyisela,"* kutsho iNkosi. ²⁰ Esikhundleni salokho:

"Nxa isitha sakho silambile, siphe ukudla;
nxa somile, sinikeni okunathwayo.

* 12:19 12.19 UDutheronomi 32.35

Ngokwenza lokhu, lokhela amalahle avuthayo ekhanda laso.”†

²¹ Linganqotshwa ngokubi, kodwa nqobani ububi ngobuhle.

13

Ukuzithoba Kubabusi

¹ Umuntu wonke kumele azithobe kulabo ababusayo, ngoba akukho mbuso ngaphandle kwalowo obekwe nguNkulunkulu. Imibuso ekhona ibekwe nguNkulunkulu.

² Ngakho, lowo ovukela umbuso uvukela okumiswe nguNkulunkulu, njalo labo abenza njalo bazilethela ukwahlulelwa. ³ Ngoba ababusi kabesabeki kulabo abenza okulungileyo, kodwa kulabo abenza okubi. Liyafuna ukukhululeka ekwesabeni lowo obusayo na? Ngakho yenzani okulungileyo yena uzalincoma. ⁴ Ngoba yena uyinceku kaNkulunkulu yokulenzela okuhle. Kodwa nxa lisenza okubi, yesabani, ngoba inkemba kayiphatheli ize. Uyinceku kaNkulunkulu, umeli wentukuthelo ukuba ehlisele isijeziso kowenza okubi. ⁵ Ngakho, kuyaswelakala ukuzithoba kubabusi, hatshi kuphela ngenxa yokujeziswa okungenzakala, kodwa langenxa yesazela.

⁶ Ngenxa yalokhu futhi yikho-nje lithela imithelo, ngoba ababusi bazinceku zikaNkulunkulu, ezinikela isikhathi sazo sonke ekubuseni. ⁷ Phanini abantu bonke okungokwabo: Nxa ungathelanga, thela imithelo, nxa kuyikuqoqwa kwemali, iqoqeni. Nxa kuyikwesaba, yesabani. Nxa kuyikuhlonipha, hloniphani; nxa kuyikudumisa, dumisani.

Uthando Lugcwalisa Umthetho

⁸ Lingayekeli umlandu ungahlawulwanga, ngaphandle kokuqhubeka komlandu wokuthandana, ngoba lowo othanda umuntu wakibo usewugcwalisile umthetho.

⁹ Imilayo ethi, “Ungafebi, Ungabulali, Ungebi, Ungahawukeli”* kanye leminyane imilayo engabe ikhona ihlanganiswa ngumthetho lo othi: “Thanda umakhelwane wakho njengoba uzithanda.”† ¹⁰ Uthando kalwenzi ngozi kumakhelwane. Ngakho uthando luyikugcwaliswa komthetho.

Usuku Selusondele

¹¹ Njalo yenzani lokhu liqedisisa isikhathi sakhathesi. Isikhathi sesifikile ukuba livuke ebuthongweni benu, ngoba ukusindiswa kwethu khathesi sekuseduze kakhulu kulekuqaleni kwethu ukukholwa. ¹² Ubusuku sebuzadlula;

† **12:20** 12.20 Izaga 25.21-22 * **13:9** 13.9 U-Eksodasi 20.13-15, 17; UDutheronomi 5.17-19, 21 † **13:9** 13.9 ULevi 19.18

ukusa sekusondele. Ngakho kasilahlani imisebenzi yobumnyama sigqoke isivikelo sokukhanya. ¹³ Kasiziphatheni kuhle, njengasemini, hatshi emadilini okuminza lokudakwa, hatshi ekuhlobongeni lentokozo yobugangi, hatshi ngokuxabana langomona. ¹⁴ Kodwa zigqokiseni iNkosi uJesu Khristu, njalo lingacabangi ngokuthokozisa inkanuko yemvelo yenu yokona.

14

Ababuthakathaka Labalamandla

¹ Mamukeleni lowo okholo lwakhe lubuthakathaka, kungekho kwahlulela ezindabeni eziphikisekayo. ² Omunye umuntu ukholo lwakhe luyamvumela ukuba adle izinto zonke, kodwa omunye umuntu olokhlo olubuthakathaka, udla imbhida kuphela. ³ Umuntu odla izinto zonke akumelanga eyise lowo ongadli konke, lomuntu ongadli konke akumelanga asole umuntu odla konke, ngoba uNkulunkulu umamukele. ⁴ Ungubani wena ukuba wahlulele inceku yomunye? Ukuma lokuwa kwayo ngokwenkosi yayo. Izakuma, ngoba iNkosi ilamandla okuyimisa.

⁵ Omunye umuntu ubona olunye usuku lungcwele kakhulu kulolunye; omunye umuntu ubona insuku zonke zifanana. Umuntu ngamunye kumele akholwe ngokupheleleyo engqondweni yakhe. ⁶ Lowo obona olunye usuku njengoluqakathekileyo, wenzela iNkosi. Lowo odla inyama, udlela iNkosi, ngoba uyambonga uNkulunkulu; njalo lowo oyekelayo, wenzela iNkosi, njalo uyambonga uNkulunkulu. ⁷ Ngoba kakho phakathi kwethu oziphilela yena yedwa njalo kakho phakathi kwethu ozifelayo yena yedwa. ⁸ Nxa siphila, siphilela iNkosi; njalo nxa sisifa, sifela eNkosini. Ngakho, loba siphila kumbe sisifa, singabeNkosi.

⁹ Ngenxa yasonalesi isizatho, uKhristu wafa, wabuya waphila ukuze abe yiNkosi yabafuleyo labaphilayo. ¹⁰ Pho wena, kungani usahlulela umzalwane wakho na? Loba kungani useyisa umzalwane wakho na? Ngoba sonke sizakuma phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu sokwahlulela.

¹¹ Kulotshiwe ukuthi:

“ ‘Ngeqiniso njengoba ngikhona, ngiphila,’* kutsho UThixo, ‘amadolo wonke azaguqa phambi kwami; ulimi lunye ngalunye luzavuma kuNkulunkulu.’ ”

¹² Ngakho-ke, omunye lomunye wethu uzabika akwenzayo kuNkulunkulu.

¹³ Ngakho kasiyekeleni ukwahlulelana. Esikhundleni salokho zimisele engqondweni yakho ukuba unabeki

* 14:11 14.11 U-Isaya 45.23

isikhubekiso kumbe umgoqo endleleni yomzalwane wakho. ¹⁴ Njengalowo oseNkosini uJesu, ngiyakholwa ngokupheleleyo ukuthi akulakudla okungcolileyo khona ngokwakho. Kodwa nxa umuntu ecabanga ukuba ulutho lungcolile, ngakho kuye lungcolile. ¹⁵ Nxa umfowenu ekhathazeka ngenxa yalokho okudlayo, kawusenzi okothando. Ungachithi umfowenu owafelwa nguKhristu ngokudla kwakho. ¹⁶ Ungavumi ukuba lokho wena ocabanga ukuthi kuhle kuthiwe kubi. ¹⁷ Ngoba umbuso kaNkulunkulu kawusindaba yokudla lokunatha, kodwa ngowokulunga, lokuthula kanye lokuthokoza kuMoya oNgcwele, ¹⁸ ngoba lowo okhonza uKhristu ngale indlela uthokozisa uNkulunkulu abukwe langabantu.

¹⁹ Ngakho kasenzeni imizamo yonke yokwenza okusilethela ukuthula lokusizana ekuphilisaneni koluntu. ²⁰ Ungachithi umsebenzi kaNkulunkulu ngenxa yokudla. Ukudla konke kuhlanzekile, kodwa kubi ukuthi umuntu adle ulutho olwenza omunye akhubeke. ²¹ Kungcono ukungadli inyama lokunganathi iwayini loba ukungenzi lutho oluzawisa umfowenu.

²² Ngakho loba kuyini okukholwayo ngalezizinto akube phakathi kwakho loNkulunkulu. Ubusisiwe umuntu ongazisoliyo ngalokho akukholwayo. ²³ Kodwa umuntu olokuthandabuza uyalahlwa nxa esidla, ngoba ukudla kwakhe akuveli ekukholweni; njalo konke okungaveli ekukholweni kuyisono.

15

¹ Thina esilamandla sifanele ukubekezelela ukwehluleka kwababuthakathaka, hatshi ukuba sizithokozise. ² Lowo lalowo wethu kumele athokozise umakhelwane wakhe ngokuhle kuye, ukuze amakhe. ³ Ngoba loKhristu kazithokozisanga, kodwa njengoba kulotshiwe ukuthi: "Ukuthuka kwalabo abalithukayo kwehlele phezu kwami."* ⁴ Ngoba konke okwalotshwa kudala kwalotshelwa ukusifundisa, ukuze kuthi ngokubekezela langokukhuthazwa yimibhalo sibe lethemba.

⁵ Sengathi uNkulunkulu onika ukubekezela lenkuthazo angalipha umoya wokumanyana phakathi kwenu lapho lilingisa uKhristu Jesu, ⁶ ukuze kuthi Nganhliziyonye langomlomo munye lidumise uNkulunkulu loYise weNkosi yethu uJesu Khristu.

⁷ Ngakho yamukelani omunye lomunye njengalokhu uKhristu walamukela, ukuze kudunyiswe uNkulunkulu.

* 15:3 15.3 AmaHubo 69.9

⁸ Ngoba ngiyalazisa ukuthi uKhristu waba yinceku yama-Juda emele iqiniso likaNkulunkulu, ukuba aqinise izithembiso ezenziwa kubokhokho, ⁹ ukuze abezizwe badumise uNkulunkulu ngenxa yomusa wakhe, njengoba kulotshiwe ukuthi:

“Ngenxa yalesisizatho ngizakudumisa phakathi kwabeZizwe, ngizahlabela amahubo ebizweni lakho.”[†]

¹⁰ Njalo, kuthi,

“Thokozani, lina beZizwe, labantu bakhe.”[‡]

¹¹ Njalo,

“Dumisani iNkosi, lonke lina beZizwe,

lihlabelale indumiso kuyo, lonke lina bantu.”[§]

¹² Njalo, u-Isaya uthi,

“Impande kaJese izavela,

lowo ozavuka ukuba abuse izizwe;

abeZizwe bazathembela kuye.”^{*}

¹³ Sengathi uNkulunkulu wethemba angaligcwalisa ngenetokozo enkulu langokuthula ekumethembeni kwenu, ukuze libe lethemba elikhaphakayo ngamandla kaMoya oNgcwele.

UPhawuli Isikhonzi KwabeZizweni

¹⁴ Mina ngokwami ngiyakholwa bazalwane bami, ukuthi lina ngokwenu ligcwele ukulunga, lilokwazi okupheleleyo njalo liyenelisa ukufundisana. ¹⁵ Ngililobebe ngesibindi mayelana leminyane imicijo, njengokungathi ngilikhumbuza yona futhi, ngenxa yomusa uNkulunkulu angiphe wona

¹⁶ ukuba yisikhonzi sikaKhristu uJesu kwabeZizwe ngilomlandu wobuphristi wokutshumayela ivangeli likaNkulunkulu ukuze abeZizwe babe ngumnikelo owamukelekayo kuNkulunkulu, ongcweliswe nguMoya oNgcwele.

uNkulunkulu owangiphawula ngisesesiswini sikamama engibiza ngomusa wakhe, wathokoza ¹⁶ ukuthi aveze iNdodana yakhe kimi, ukuze ngitshumayeke phakathi kwabeZizwe, kangibuzanga muntu. ¹⁷ Angizange ngiye eJerusalema ukuyabona labo ababengabapostoli ngingakabi nguye, kodwa ngahle ngaya e-Arabhiya. Emva kwalokho ngabuyela eDamaseko.

¹⁸ Emva kweminyaka emithathu, ngaya eJerusalema ukuze ngijayelane loKhefasi, ngahlala laye insuku ezilithumi lanhlano. ¹⁹ Kangibonanga lamunye wabanye abapostoli ngaphandle kukaJakhobe umfowabo weNkosi kuphela. ²⁰ Ngikugcizelela kini lokhu phambi kukaNkulunkulu ukuthi lokhu engililobela khona akusimanga.

²¹ Ngasengisuka ngaya e-Asiriya kanye laseSilisiya. ²² Mina ngokwami ngangingaziwa emabandleni aseJudiya akuKhristu. ²³ Ayesizwa umbiko nje kuphela usithi: “Umuntu owayesihlukuluza kuqala khathesi usetshumayela ukholo ake wazama ukuluchitha.” ²⁴ Amdumisa uNkulunkulu ngenxa yami.

2

UPhawuli Wamukelwa NgabaPostoli

¹ Emva kweminyaka elitshumi lane ngaya eJerusalema futhi, ngalesisikhathi ngangiloBhanabhasi. Ngathatha loThithu futhi. ² Ngaya khona njengokwambulelwa ngethula phambi kwabo ivangeli engilitshumayela kwabeZizweni. Kodwa lokhu ngakwenza ngasese kulabo ababekhanya bengabakhokheli. Ngangifuna ukuba lesiqiniseko sokuthi angigijimeli ize. ³ Ikanti loThithu owayelami kazange abanjwe ngamandla ukuba asoke lanxa wayengumGrikhi. ⁴ Indaba le yavela ngoba abanye abazalwane bamanga basebengene phakathi kwethu ukuba bahlale ukukhululeka esilakho kuKhristu uJesu ukuze basenze izigqili. ⁵ Kasibavumelanga lakancane ukuze iqiniso levangeli lihale likhona kini.

⁶ Labo ababeqakathekiswa, loba beyilokho ababeyikho khona akwenzi mahluko kimi; uNkulunkulu kahluleli ngokubonakala ngaphandle, labobantu kabengezanga lutho elizwini lami. ⁷ Esikhundleni salokho babona ukuthi ngangiphiwe umsebenzi wokutshumayela ivangeli kwabeZizweni njengoPhethro owaphiwa umsebenzi wokutshumayela ivangeli kwabasokiweyo. ⁸ Ngoba uNkulunkulu, owayesebenza kuPhethro njengompostoli kwabasokiweyo, wayesebenza kimi futhi ekutshumayeleni kwami njen-gompostoli kwabeZizweni. ⁹ UJakhobe, loKhefasi kanye

loJohane, abadume njengensika, banika mina loBhanabhasi ilungelo lokuhlanganyela labo lapho sebebene umusa engawuphiwayo. Bavuma ukuthi siye kwabeZizweni, bona baye kwabasokiweyo. ¹⁰ Abakucelayo kuphela nje yikuthi siqhubeke sikhumbula abayanga, yona kanye into engangitshisekela ukuyenza.

UPhawuli Uphikisa UPhethro

¹¹ Ekufikeni kukaKhefasi e-Antiyokhi ngamphikisa sikhangelene ngoba wayesoleka. ¹² Ngaphambilini kwafika abantu abathile bevela kuJakhobe owayevame ukudla labeZizweni. Kodwa sebefikile waqalisa ukuhlelela emuva, wazehlukanisa labeZizweni ngoba wayesesaba ababengabegembu lokusoka. ¹³ Amanye amaJuda lawo ahlanganyela laye kulokhukuzenzisa kwakhe, kwaze kwathi ngenxa yokuzenzisa kwawo uBhanabhasi waholelwa ekulahlekeni.

¹⁴ Kwathi lapho ngibona ukuba babengenzi okuhambelana leqiniso levangeli, ngathi kuKhefasi phambi kwabo bonke, “Wena ungumJuda kodwa uphila njengoweZizweni hatshi njengomJuda. Pho kwenzeka njani ukuba ubambe ngamandla abeZizweni ukuba balandele imikhuba yamaJuda na?”

¹⁵ Thina esingamaJuda ngokuzalwa hatshi ‘izoni zeZizweni’ ¹⁶ siyakwazi ukuthi umuntu kalungisiswa yikugcina umthetho kodwa yikukholwa kuJesu Khristu. Ngakho-ke, lathi futhi, sibeke ukukholwa kwethu kuKhristu uJesu ukuba silungiswe yikukholwa kuKhristu hatshi ngokugcina umthetho ngoba kakho ozalungisiswa ngokugcina umthetho.

¹⁷ Kodwa nxa sisafuna ukulungisiswa kuKhristu, kube sokubonakala ukuthi thina ngokwethu siyizoni, lokho kutsho ukuthi uKhristu usekela isono na? Akunjalo lakan-cane! ¹⁸ Nxa ngikwakha kutsha lokho engakudilizayo, ngibonakalisa ukuthi ngiyisaphulamthetho.

¹⁹ Ngoba ngomthetho ngafa emthethweni ukuze ngiphilele uNkulunkulu. ²⁰ Sengibethelwe kanye loKhristu, akuseyimi engiphilayo, kodwa uKhristu uphila phakathi kwami. Ukuphila engikuphila emzimbeni, ngikuphila ngokukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, eyangithandayo njalo yazinikela ngenxa yami. ²¹ Kangiwudeli umusa kaNkulunkulu ngoba nxa ukulunga kuzuzwa ngomthetho, uKhristu wafela ize.”

3

Ukukholwa Kumbe Ukugcinwa Komthetho

¹ Lina maGalathiya ayizithutha! Ngubani oliloyileyo? Phambi kwamehlo enu uJesu Khristu wabonakaliswa obala ebethelwe. ² Mina ngifuna ukwazi into eyodwa nje kini: UMoya lamamukela ngokugcina umthetho loba ngokukholwa lokho elakuzwayo na? ³ Kanti liyizithutha kangaka? Emva kokuqalisa ngoMoya, khathesi selizama ukuzuza ukuphelela ngemizamo yabantu na? ⁴ Kanti lihlupheke kangaka lihluphekela ize na, nxa impela kwakungokweze? ⁵ Kanti uNkulunkulu ulinika uMoya wakhe abuye enze izimangaliso phakathi kwenu ngoba ligcina umthetho loba ngoba likholwa lokho elakuzwayo na? ⁶ Khumbulani u-Abhrahama: “Wamkholwa uNkulunkulu, kwabalelwa kuye njengokulunga.”*

⁷ Ngakho zwisisani ukuthi labo abakholwayo bangabantwana baka-Abhrahama. ⁸ Umbhalo wabona ngaphambili ukuthi uNkulunkulu wayezalungisa abeZizweni ngokukholwa, wahle wamemezela ivangeli ngaphambili ku-Abhrahama esithi: “Zonke izizwe zizabusiwa ngawe.”† ⁹ Ngakho labo abalokholo babusiwa kanye lo-Abhrahama, umuntu wokholo.

¹⁰ Bonke abathembe umthetho bangaphansi kwesiqalekiso ngoba kulotshiwe ukuthi: “Uqalekisiwe umuntu wonke ongaqhubeki esenza konke okulotshwe eNcwadini yoMthetho.”‡ ¹¹ Kusobala ukuthi akakho olungisiswa ngomthetho phambi kukaNkulunkulu ngoba, “Abalungileyo bazaphila ngokukholwa.”§ ¹² Umthetho kaweyamanga ekukholweni; kodwa, “Umuntu owenza izinto lezi uzaphila ngazo.”* ¹³ UKhristu wasihlenga esiqalekisiweni somthetho ngokuba yisiqalekiso ngenxa yethu, ngoba kulotshiwe ukuthi: “Uqalekisiwe umuntu wonke olengiswa esihlahleni.”† ¹⁴ Wasihlenga ukuze isibusiso esaphiwa u-Abhrahama sifike kwabeZizweni ngoKhristu uJesu, ukuze samukele isithembiso sikaMoya ngokukholwa.

Umthetho Lesithembiso

¹⁵ Bazalwane, ake ngithathe isibonelo sokuphila kwan-sukuzonke. Njengoba engekho ongabeka eceleni loba engeze kusivumelwano sabantu esenziwe ngemfanelo, kunjalo-ke lakule indaba. ¹⁶ Izithembiso zatshiwo ku-Abhrahama lakunzalo yakhe. Umbhalo kawuthi “kwabenzalo,”‡ usitsho abantu abanengi, kodwa uthi, “lakunzalo yakho,” usitsho umuntu oyedwa, lowo kunguKhristu.

* **3:6** 3.6 UGenesisi 15.6 † **3:8** 3.8 UGenesisi 12.3; 18.18; 22.18 ‡ **3:10** 3.10

UDutheronomi 27.26 § **3:11** 3.11 UHabhakhukhi 2.4 * **3:12** 3.12 ULevi 18.5

† **3:13** 3.13 UDutheronomi 21.23 ‡ **3:16** 3.16 UGenesisi 12.7; 13.15; 24.7

¹⁷ Engikutshoyo yilokhu: Umthetho owabekwa eminyakeni engamakhulu amane lamatshumi amathathu (430) muva, kawusibeki eceleni isivumelwano esamiswa ngaphambili nguNkulunkulu ngalokho wesule isithembiso. ¹⁸ Ngoba nxa ilifa leyame emthethweni, ngalokho kaliseyamanga esithembisweni; kodwa uNkulunkulu ngomusa wakhe, walinika u-Abhrahama ngesithembiso.

¹⁹ Pho, yayiyini-ke injongo yomthetho? Wengezelelwa ngenxa yeziphambeko kwaze kwafika iNzalo eyayitshiwo yisithembiso. Umthetho wenziwa wasebenza ngezingilosi lomeli. ²⁰ Kodwa umeli kameli icele elilodwa; kodwa uNkulunkulu munye.

²¹ Kambe ngalokho umthetho uphambene lezithembiso zikaNkulunkulu na? Akunjalo lakancane! Ngoba nxa kwakubekwe umthetho onika ukuphila, ukulunga impela kwakuzavela ngomthetho. ²² Kodwa umbhalo uvalele konke ngaphansi kwesono, ukwenzela ukuthi okwakuthenjisiwe, kuphiwa ngokukholwa kuJesu Khristu, sokun-gaphiwa labo abakholwayo.

Abantwana BakaNkulunkulu

²³ Ukholo§ lolu lungakabi khona sasiyizibotshwa zomthetho, sivalelwe ukholo olwaluzakuza luze lubonakaliswe. ²⁴ Ngakho umthetho waphiwa amandla okusiholela kuKhristu ukuba silungisiswe ngokukholwa. ²⁵ Khathesi-ke njengoba ukholo selukhona, kasisekho ngaphansi kwamandla omthetho.

²⁶ Lonke lingabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKhristu uJesu ²⁷ ngoba lonke lina elabhaphathizelwa kuKhristu selizembathise ngoKhristu. ²⁸ AkulamJuda loba oweZizweni, isigqili loba okhululekileyo, owesilisa loba owesifazane, ngoba lonke limunye kuKhristu uJesu. ²⁹ Nxa lingabakaKhristu, ngalokho liyinzalo ka-Abhrahama, lezindlalifa njengokutsho kwesithembiso.

4

¹ Engikutshoyo yikuthi nxa indlalifa isesengumntwana, kayehlukananga lesigqili lanxa nje ingumnikazi welifa lonke. ² Ingaphansi kwabaphathi lababambeli kuze ku-fike isikhathi esabekwa nguyise. ³ Ngokunjalo lathi nge-sikhathi sisesengabantwana sasiyizigqili ngaphansi kwempi yemimoya yalumhlaba. ⁴ Kodwa kwathi lapho isikhathi sesifike ngokupheleleyo, uNkulunkulu wathuma iNdodana yakhe, yazalwa ngowesifazane, izalwa ngaphansi kom-thetho, ⁵ ukuba ihlengi abangaphansi komthetho, ukuze

sithole amalungelo apheleleyo amadodana atholakeleyo. ⁶ Njengokuba lingamadodana, uNkulunkulu wathumela uMoya weNdodana yakhe enhliziyweni zenu, omemezayo usithi, “*Abha, Baba.*” ⁷ Ngakho kawuseyiso isigqili kodwa indodana kaNkulunkulu; njalo njengoba usuyindodana, uNkulunkulu usekwenze waba yindlalifa futhi.

Ukuphatheka KukaPhawuli NgamaGalathiya

⁸ Ekuqaleni, lingakamazi uNkulunkulu laliyizigqili zalabo abangayisibo onkulunkulu ngemvelo. ⁹ Kodwa khathesi uNkulunkulu selimazi, loba ngithi uNkulunkulu uselazi, pho kungani libuyela emuva empini yemimoya yalumlaba ebuthakathaka leyize na? Liyafisa ukuthi ligqilazwe yiyo njalo na? ¹⁰ Lina ligcina insuku ezithile lezinyanga, izikhathi zomnyaka kanye leminyaka! ¹¹ Ngiyalesabela, ukuthi ngenye indlela sengichithe imizamo yami kini.

¹² Ngiyalincenga bazalwane, wobani njengami, ngoba lami ngaba njengani. Kalingenzelanga lutho olubi. ¹³ Njengoba lisazi, ngatshumayela ivangeli kini kuqala ngenxa yomkhuhlane. ¹⁴ Lanxa isimo somzimba wami sasiyisilingo kini, kalizange lingeyise kumbe lingihleke. Kodwa langamukela sengathi ngangiyingilosi kaNkulunkulu, sengathi nganginguKhristu uJesu yena ngokwakhe. ¹⁵ Intokozo yenu yonke isiyengaphi na? Ngingafakaza ukuthi aluba lalingenzanjalo, lalingakopola amehlo enu linginike wona. ¹⁶ Khathesi sengibe yisitha senu ngokulitshela iqiniso na?

¹⁷ Labobantu batshisekela ukulenza abazalwane babo, kodwa hatshi ngobuhle. Abakufunayo yikulehlukanisa lathi ukuze litshisekele bona. ¹⁸ Ukutshiseka kulungile nxa injongo inhle, lokuba kube njalo kokuphela, hatshi kuphela nxa ngilani. ¹⁹ Bantwabami abathandekayo, lina engilomhelo ngani futhi uKhristu aze abunjwe phakathi kwenu, ²⁰ ngiyafisa kakhulu ukuba lani khathesi ngiguqule isimo sami, ngoba ngikhathazekile ngani!

UHagari LoSara

²¹ Ngitshelani lina elifuna ukuba ngaphansi komthetho, kalikwazi yini ukuthi umthetho uthini? ²² Ngoba kulotshiwe ukuthi u-Abrahama wayelamadodana amabili, enye ingeyesigqilikazi lenye ingeyowesifazane okhululekileyo. ²³ Indodana yakhe yesigqilikazi yazalwa ngokwenyama; kodwa indodana yakhe yowesifazane okhululekileyo yazalwa kulandela isithembiso.

²⁴ Izinto lezi zingathathwa njengomzekeliso; ngoba abesifazane ababili bamele izivumelwano ezimbili. Esinye

isivumelwano sivela eNtabeni yeSinayi e-Arabhiya njalo sizala abantwana abazakuba yizigqili: Lo nguHagari.²⁵ UHagari umele iNtaba yeSinayi e-Arabhiya njalo uhambelana ledolobho lakhathesi eleJerusalema, ngoba lisebugqilini kanye labantwana balo. ²⁶ Kodwa iJerusalema ephezulu ikhululekile, njalo ingumama wethu. ²⁷ Ngoba kulotshiwe ukuthi:

“Thokoza mfazi oyinyumba,
wena ongazange uzale umntwana;
umemeze ngenjabulo ukhale kakhulu,
wena ongakaze uhelelwe;
ngoba abantwana bomfazi olahliweyo banengi
kulabalowo olendoda.”*

²⁸ Ngakho lina bazalwane, njengo-Isaka, lingabantwana besithembiso. ²⁹ Ngalesosikhathi indodana eyazalwa ngokwenyama yahlukuluza indodana eyazalwa ngamandla kaMoya. Kunjalo lakhathesi. ³⁰ Kodwa umbhalo uthini na? Uthi: “Susa isigqilikazi lendodana yaso, ngoba indodana yesigqilikazi kayiyikwabelana ilifa lendodana yowesifazane okhululekileyo.”† ³¹ Ngakho, bazalwane, thina kasisibo bantwana besigqilikazi, kodwa abowesifazane okhululekileyo.

5

Ukukhululeka KuKhristu

¹ UKhristu wasikhululela ukuthi sibe lenkululeko. Ngakho manini liqine, lingavumeli ukuthi libotshelwe futhi ejogeni lobugqili.

² Qaphelani amazwi ami! Mina Phawuli, ngiyalitshela ukuthi lingavuma ukusoka, uKhristu kayikuba lusizo kini. ³ Njalo ngiyaqinisa ebantwini bonke abavumayo ukusoka ukuthi balomlandu wokulalela umthetho wonke. ⁴ Lina elizama ukulungisiswa ngomthetho selehlukane loKhristu; selehlukane lomusa. ⁵ Kodwa ngokukholwa siholwa nguMoya silindele ithemba lokulunga ngokutshiseka. ⁶ Ngoba kuKhristu uJesu ukusoka loba ukungasoki akulasizo. Into kuphela eyiyo eqakathekileyo yikukholwa okuzibonakalisa ngothando.

⁷ Kade lihamba kuhle. Ngubani olikhuphe ekulandeleni iqiniso na? ⁸ Ukuncenga okunjalo kakaveli kulowo olibizayo. ⁹ “Imvubelo encinyazana ibilisa inhlama yonke.” ¹⁰ Ngiyathemba eNkosini ukuthi kaliyikwamukela omunye umnakano. Lowo olibeka phakathi kwenyakanyaka uza-jeziswa, loba egubani. ¹¹ Bazalwane, nxa ngisatshumayela

* 4:27 4.27 U-Isaya 54.1 † 4:30 4.30 UGenesisi 21.10

ngokusoka, pho kungani ngilokhu ngihlukuluzwa? Nxa kunjalo isikhubekiso sesiphambano sesisusiwe. ¹² Labo abahluphayo, ngifisa ukuthi ngabe bayaqhubeka bazithene!

Ukuphila NgoMoya

¹³ Lina bazalwane bami, labizelwa ukuthi likhululeke. Kodwa lingasebenzisi inkululeko yenu ukuthokozisa inyama*; kodwa sizanani omunye lomunye lizehlisa ngothando. ¹⁴ Umthetho wonke uhlanganiswa ngumlayo owodwa othi: "Thanda umakhelwane wakho njengoba uzithanda."† ¹⁵ Nxa lighubeka lilumana lokudlanana, qaphelani hlezi liqedane du.

¹⁶ Ngakho ngithi philani ngoMoya, kaliyikuthokozisa izinkanuko zenu zenyama. ¹⁷ Ngoba imvelo yesono ikhanuka okuphambene loMoya, loMoya ufuna okuphambene lemvelo yesono. Kuyaphikisana ukuze lingenzi elikuthandayo. ¹⁸ Kodwa nxa likhokhelwa nguMoya, kalikho ngaphansi komthetho.

¹⁹ Izenzo zenyama zisobala: ukuhlobonga, lokungesabi ukujeziswa, lokuxhwalwa; ²⁰ ukukhonza izithombe lobuthakathi; inzondo lokuxabana, umona lentukuthelo, lobuhwaba, ukungezwani lokungavumelani ²¹ lomhawu; ukudakwa lokuzitika ngamanyala kanye lokunye okunjalo. Ngiyalixwayisa, njengoba lami ngaphila phakathi kwakho ukuthi abaphila kanje kabayikulidla ilifa lombuso kaNkulunkulu.

²² Kodwa izithelo zikaMoya luthando, lokuthokoza, lokuthula, lokubekezela, lomusa, lokulunga, lokuthembeka, ²³ lobumnene kanye lokuzithiba. Ezintweni ezinje akulamthetho. ²⁴ Labo abangabakaKhristu uJesu sebayibethela esiphambanweni imvelo yabo yesono lokufutheka kwayo kanye lezinkanuko. ²⁵ Njengoba siphila ngoMoya, kasenzeni okuhambelana loMoya. ²⁶ Kasingazikhukhumezi, singaqalani kumbe senzelande umona.

6

Ukwenza Okulungileyo Kubo Bonke

¹ Bazalwane, nxa umuntu ethunjwe yisono esithile lina eliphila ngokoMoya kumele limbuyise kakuhle. Kodwa lizinanzelele ukuthi lani futhi lingalingwa. ² Thwalani imithwalo yomunye lomunye, ngalokho lizagcwalisa umthetho kaKhristu. ³ Nxa umuntu ezitshaya ulutho yena

* 5:13 5.13 ibala elithi inyama ngesiGrikhi litsho imvelo yesono okuyindlela yokona koluntu okuphambene lokwenza intando kaMoya; lelibala litholakala lakuvesi 16, 17, 19 lo 24 kanye laku 6.8. † 5:14 5.14 ULevi 19.18

engasilutho, uyazikhohlisa. ⁴ Umuntu munye ngamunye kahlole izenzo zakhe. Ngalokho angaziqhenya, kungekho ukuziqathanisa lomunye, ⁵ ngoba lowo lalowo kumele athwale umthwalo wakhe. ⁶ Loba ngubani othola ukufundiswa ngelizwi umele abelane zonke izinto ezinhle lalowo omfundisayo.

⁷ Lingakhohliswa: UNkulunkulu kahlekwa. Umuntu uvuna lokho akuhlanyelayo. ⁸ Lowo ohlanyela ukuthokozisa inyama yakhe, kuleyonyama uzavuna ukuchitheka; lowo ohlanyela ukuthokozisa uMoya, kuMoya uzavuna ukuphila okulaphakade. ⁹ Kasingadinwa yikwenza okuhle ngoba ngesikhathi esifaneleyo sizavuna isivuno nxa singadeli. ¹⁰ Ngakho-ke, njengokuba silethuba kasenzeni okulungileyo ebantwini bonke ikakhulu kulabo abangabemuli yabakholwayo.

Hatshi Ukusoka Kodwa Indalo Entsha

¹¹ Khangelani ukuthi makhulu kanganani amabala engiwasebenzisayo lapho ngililobela ngesami isandla!

¹² Labo abafuna ukubukwa enyameni bazama ukulincindezela ukuba lisoke. Isizatho sokuba benze lokhu yikuba babalekele ukuhlukuluzelwa isiphambano sikaKhristu kuphela. ¹³ Lalabo abasokileyo kabawulaleli umthetho kodwa bafuna ukuba lisoke ukuze bazincome ngemizimba yenu. ¹⁴ Mina kangingazincomi lanini ngaphandle kwangesiphambano seNkosi yethu uJesu Khristu, umhlaba wonke owabethelwa ngaso kimi, lami njalo emhlabeni. ¹⁵ Ukusoka loba ukungasoki akutsho lutho; okuqakathekileyo yikudalwa kutsha. ¹⁶ Ukuthula lesihawu kubo bonke abalandela umthetho lo, kanye laku-Israyeli kaNkulunkulu.

¹⁷ Okokucina, akungabi lamuntu ongibangela uhlupho, ngoba emzimbeni wami ngilempawu zikaJesu.

¹⁸ Umusa weNkosi yethu uJesu Khristu kawube lomoya wenu bazalwane. Amen.

Incwadi KaPhawuli Kwabase-Efesu

¹ UPhawuli, umpostoli kaKhristu uJesu ngentando kaNkulunkulu,

Lakwabangcwele bakaNkulunkulu abase-Efesu, abathembekileyo kuKhristu uJesu:

² Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba leNkosini uJesu Khristu kakube kini.

Izibusiso ZikaMoya KuKhristu

³ Udumo kalube kuNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Khristu, osibusise ebukhosini basezulwini ngezibusiso zonke zakomoya kuKhristu. ⁴ Ngoba wasikhetha umhlaba ungakadalwa ukuthi sibe ngcwele lokuthi singabi lasici ebusweni bakhe. Ngothando ⁵ wasimisela ukuba senziwe amadodana akhe ngoJesu Khristu, ngokwentokozo yakhe kanye lentando yakhe, ⁶ ukuze kudunyiswe umusa wakhe omangalisayo asiphe wona ngesihle kuLowo amthandayo. ⁷ Kuye silokuhlangwa ngegazi lakhe lokuthethelelwa kwazono ngokwenotho yomusa kaNkulunkulu ⁸ awuthululele phezu kwethu ngenhlakanipho yonke langokuqedisisa. ⁹ Wasazisa imfihlakalo yentando yakhe mayelana lentokozo yakhe elungileyo ayiceba kuKhristu, ¹⁰ ukuba kuhlangukanye ndawonye zonke izinto ezisezulwini lasemhlabeni ngaphansi kwenhloko yinye enguKhristu.

¹¹ Sakhethwa kuye,* simiselwe lokho ngokwecebo lakhe yena osebenza izinto zonke ngokuvumelana lenjongo yentando yakhe, ¹² ukuze kuthi thina esaba ngabokuqala ukubeka ithemba lethu kuKhristu sibe ngabokubonga udumo lwakhe. ¹³ Lani labalwa kanye loKhristu lapho selizwe ilizwi leqiniso, levangeli lokusindiswa kwenu. Selikholwe kuye, labekwa uphawu, uMoya oNgcwele owa-thenjiswayo, ¹⁴ oyisibambiso esiyisiqinisele selifa lethu kuze kufike ukuhlangwa kwalabo abangabakaNkulunkulu ukuba kudunyiswe udumo lwakhe.

Ukubonga Lokukhuleka

¹⁵ Ngenxa yalokhu, sekulokhu ngezwa ngokukholwa kwenu eNkosini uJesu kanye lothando lwenu kubo

* **1:11** 1.11 kumbe saba zindlalifa

bonke abantu bakaNkulunkulu abangcwele, ¹⁶ angikaze ngiyekele ukulibongela lokulikhumbula emikhulekweni yami. ¹⁷ Ngियाqhubeka ngicela ukuba uNkulunkulu weNkosi yethu uJesu Khristu, uYise oyinkazimulo, alinike uMoya wokuhlakanipha lokwambulelwa ukuze limazi ngcono. ¹⁸ Ngikhulekela njalo lokuthi amehlo ezinhliziyi zenu akhanyiselwe ukuze lilazi ithemba alibizela kulo, inotho yelifa lakhe elimangalisayo kwabangcwele, ¹⁹ lamandla akhe amakhulu angelakulinganiswa kithi thina esikholwayo. Amandla lawo afana lokusebenza kwamandla akhe amakhulu ²⁰ awasebenzisa evusa uKhristu kwabafileyo, emhlalisa esandleni sakhe sokunene ebukhosini basezulwini ²¹ phezu kokubusa konke lobukhosi, amandla kanye lombuso, lamabizo wonke angatshiwo, kungayisikho kwalesisikhathi kuphela kodwa lakuleso esizayo. ²² UNkulunkulu wabeka izinto zonke ngaphansi kwezinyawo zakhe wamketha ukuba abeyinhloko yezinto zonke zebandla, ²³ lona elingumzimba wakhe, ukuphelela kwakhe yena ophelalisa izinto zonke ngazingdla zonke.

2

Senziwa Saba Ngabaphilayo KuKhristu

¹ Lina lalifile eziphambekweni lasezonweni zenu, ² elaliphila kuzo ngesikhathi lisalandela izindlela zalo umhlaba lezombusi wombuso wasemoyeni, umoya osebenzayo lakhathesi kulabo abangalaleliyo. ³ Lathi sonke sake saphila phakathi kwabo ekuqaleni, sithokozisa izinkanuko zemvelo yethu yesono, silandela lezifiso kanye lemicabango yazo. Njengabanye, ngokwemvelo sasifanele ulaka. ⁴ Kodwa ngenxa yothando lwakhe olukhulu kithi, uNkulunkulu olesihawu esikhulu, ⁵ wasenza saba ngabaphilayo loKhristu lanxa sasifile eziphambekweni, ngomusa selisindisiwe. ⁶ UNkulunkulu wasivusa ekufeni kanye loKhristu wasihlalisa laye ebukhosini basezulwini kuKhristu uJesu ⁷ ukuze kuthi ezikhathini ezizayo atshengise inotho yomusa wakhe engeke ilinganiswe, ebalulwe yibubele bakhe kithi kuKhristu uJesu. ⁸ Ngoba ngomusa lisindisiwe, kungokukholwa njalo lokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu, ⁹ hatshi ngemisebenzi, ukuze kungabi lozazincoma. ¹⁰ Ngoba siyibuciko bukaNkulunkulu, sidalelwe kuKhristu uJesu ukuba senze imisebenzi emihle, uNkulunkulu ayilungisa ngaphambili ukuba siyenze.

UmJuda LoweZizweni Babuyiswa NgoKhristu

¹¹ Ngakho, khumbulani ukuthi kuqala lina elingabeZizweni ngokuzalwa njalo elibizwa ngokuthi “ngabanga-sokanga” yilabo abazibiza ngokuthi “ngabokusoka” (lokho okwenziwa emzimbeni ngezandla zabantu), ¹² khumbulani ukuthi ngalesosikhathi lahleluka loKhristu, lingabalelwa enzalweni yako-Israyeli njalo lingabezizweni kusivumelwano sesithembiso, lingelathemba njalo lingelaye uNkulunkulu emhlabeni. ¹³ Kodwa khathesi kuKhristu uJesu lina elake laba khatshana le selisondezwe eduzane ngegazi likaKhristu.

¹⁴ Ngoba yena uqobo uyikuthula kwethu, yena owenza ababili baba munye, wadiliza uthango olungumdule wobutha owehlukanisayo, ¹⁵ ngokuchitha emzimbeni wakhe umthetho lemilayo yawo kanye lezimiso. Injongo yakhe yayingeyokudala phakathi kwakhe umuntu oyedwa njalo omutsha ngabantu ababili, ngalokho enze ukuthula, ¹⁶ kuthi kulo umzimba munye kube lokubuyisana kwayo yomibili kuNkulunkulu ngesiphambano, achitha ngaso ubutha bayo. ¹⁷ Weza wazatshumayela ukuthula kini elalikhathshana lokuthula kulabo ababeseduzane. ¹⁸ Ngoba ngaye sobabili siyafinyelela kuYise ngoMoya munye.

¹⁹ Ngalokho-ke, kaliseyibo bezizweni lezihambi, kodwa seliyinzalo yakithi labantu bakaNkulunkulu, kanye lamalunga abendlu kaNkulunkulu, ²⁰ lakhelwe phezu kwesisekelo sabapostoli labaphrofethi, uKhristu uJesu yena uqobo eyilitshe elikhulu lekhoneni. ²¹ Indlu yonke ihlanganiselwe kuye njalo ikhula ukuze ibe lithempeli elingcwele eNkosini. ²² Lani futhi lakhelwa ndawonye kuye ukuze libe yindawo yokuhlala uNkulunkulu ahlala kuyo ngoMoya wakhe.

3

Icebo LikaNkulunkulu Elimangalisayo NgabeZizweni

¹ Ngenxa yalesisizatho, mina Phawuli, isibotshwa sikaKhristu uJesu ngenxa yenu lina bantu beZizweni.

² Ngeqiniso selizwile ngokuphathwa komusa kaNkulunkulu engawuphiwayo ngenxa yenu, ³ ukuthi ngaziswa imfihlakalo ngokwambulelwa njengoba sengabhala ngamafitshane. ⁴ Nxa libala lokhu lizenelisa ukuzwisisa umbono wami ngemfihlakalo

kaKhristu, ⁵ engazange yaziswe abantu kwezinye izizukulwane njengoba khathesi isiveziwe nguMoya kubapostoli abangcwele bakaNkulunkulu lakubaphrofethi. ⁶ Imfihlakalo le iyikuthi ngevangeli abeZizweni bazindlalifa bekanye labako-Israyeli, amalunga omzimba munye

ndawonye, labahlanganyeli kuso isithembiso kuKhristu uJesusu.

⁷ Mina ngaba yinceku yevangeli leli ngesipho somusa kaNkulunkulu engasiphiwa ngokusebenza kwamandla akhe. ⁸ Lanxa ngimncane kulabancane bonke babantu bakaNkulunkulu, umusa lo ngawunikwa: ukuba ngitshumayele kwabeZizweni inotho kaKhristu engacubungulekiyo, ⁹ njalo ngikubeke obala ukuphatha kwami imfihlakalo le eyayifihliwe okweminyaka eminengi eyedlulayo kuNkulunkulu, owadala izinto zonke. ¹⁰ Injongo yakhe yayiyikuthi ibandla lazise ababusi leziphathamandla zemibuso yasezulwini ngenhlakanipho emangalisayo kaNkulunkulu, ¹¹ ngokwenhloso yakhe engulaphakade ayifeza kuKhristu uJesusu iNkosi yethu. ¹² Kuye langokukholwa kuye singasondela kuNkulunkulu ngokukhululeka langesibindi. ¹³ Ngakho, ngiyalicela ukuba lingalahli ithemba ngenxa yokulihluphekela kwami, okuludumo kini.

Ukukhulekela Abase-Efesu

¹⁴ Ngenxa yalokhu ngiyaguqa phambi kukaBaba, ¹⁵ lapho yonke imuli yamakholwa asezulwini lasemhlabeni ethola khona ibizo layo. ¹⁶ Ngikhulekela ukuthi ngenotho yobukhosi bakhe aliqinise ngamandla ngoMoya wakhe ezinhliziyweni zenu ¹⁷ ukuze uKhristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa. Ngikhulekela ukuba ligxile njalo liqine othandweni, ¹⁸ libe lamandla kanye labangcwele beNkosi bonke ukuba liqedisise ububanzi lobude lokujula kanye lokuzika kothando lukaKhristu, ¹⁹ lokuba lilwazi uthando lolu oludlula ukwazi ukuze ligcwaliswe ngesilinganiso sokugcwala okupheleleyo kukaNkulunkulu.

²⁰ Ngakho-ke, kuye lowo oyenza okukhulu kakhulu kulalokho esikucelayo kumbe esikucabangayo, ngokwamandla akhe asebenza phakathi kwethu, ²¹ udumo kalube kuye ebandleni lakuKhristu uJesusu kuzizukulwane zonke kuze kube nini lanini! Ameni.

4

Ukumanyana Emzimbeni KaKhristu

¹ Njengesibotshwa seNkosi, ngiyalincenga ukuba liphile impilo efanele ubizo elalwamukelayo. ² Wobani ngabathobekileyo labamnene ngokupheleleyo; bekezelani, libekezelelane omunye komunye ethandweni. ³ Zamani ngamandla wonke ukugcina ukumanyana kukaMoya ngesibopho sokuthula. ⁴ Kulomzimba munye loMoya munye; njengalokhu labizelwa ethembeni linye ekubizweni kwenu,

⁵ iNkosi yinye, lokholo lunye, ubhaphathizo lunye;
⁶ uNkulunkulu munye uYise wabo bonke, ophezu kwabo bonke njalo okubo bonke.

⁷ Kodwa yilowo lalowo wethu waphiwa umusa ngokwaba kukaKhristu. ⁸ Yikho-nje umbhalo usithi:

“Ekwenyukeleni kwakhe phezulu,
 wahola abathunjiweyo abanengi
 njalo wanika izipho ebantwini bakhe.”*

⁹ (Ukuthi “wenyuka” kutshoni ngaphandle kokuthi njalo wehlela lezigabeni zangaphansi komhlaba na? ¹⁰ Yena lowo owehlela phansi nguye kanye owenyukela phezulu kakhulu kulamazulu wonke ukuze agcwale izindawo zonke emhlabeni lasezulwini.) ¹¹ UKhristu nguye owanika abanye ukuba babe ngabapostoli, abanye babe ngabaphrofethi, abanye babe ngabavangeli, abanye babe ngabaphathi labanye babe ngabafundisi, ¹² ukuba balungisele abantu bakaNkulunkulu imisebenzi yenkonzo, ukuze umzimba kaKhristu wakhiwe ¹³ sonke size sifinyelele ekumanyaneni, ekukholweni lasekwazini iNdodana kaNkulunkulu sikhule ngokupheleleyo, sithole isilinganiso sokuphelela okufunyanwa kuKhristu.

¹⁴ Ngakho kasisayikuba zingane, siphoswa emuva laphambili ngamagagasi, siphetsulwa lapha lalaphaya yimimoya yonke yemfundiso kanye lokuhlakanipha lobuqili babantu ngamazwi abo enkohliso. ¹⁵ Kodwa-ke, sikhuluma iqiniso ngothando, sizakhula ezintweni zonke kuye yena oyiNhloko, yena enguKhristu. ¹⁶ Kusukela kuye umzimba wonke ohlanganiswe wabanjaniswa yimisipha yonke ewusekelayo uyakhula uzakhe ngothando, isitho sinye ngasinye sisenza umsebenzi waso.

Izeluleko Zokuphila KomKhristu

¹⁷ Ngakho-ke, ngilitshela lokhu, ngikugcizelela eNkosini, ukuba akumelanga liphile njengabeZizweni emicabangweni yabo eyize. ¹⁸ Kubamnyama ekuqediseni kwabo njalo behlukene lokuphila kukaNkulunkulu ngenxa yokungazi kwabo okungenxa yobulukhuni bezinhliziyo zabo. ¹⁹ Sebelahlekelwe ngunembeza wonke, sebezinikele ekuthokoziseni inyama ukuze benze inhlobo zonke zokuxhwala, inkanuko iqhubeka ifuna okunengi.

²⁰ Kodwa lina uKhristu kalimazanga ngaleyondlela. ²¹ Impela lezwa njalo lafundiswa ngaye ngokweqiniso elikuJesu. ²² Lafundiswa mayelana lendlela yenu yakuqala yokuphila ukuba lilahle uqobo lweni oludala, olonakaliswa

* 4:8 4.8 AmaHubo 68.18

yizinkanuko zalo zenkohliso; ²³ ukuba lenziwe libe batsha esimeni sengqondo zenu; ²⁴ lifake uqobo lomzimba olutsha, oludalelwe ukuba njengoNkulunkulu ekulungeni okuqotho lobungwele.

²⁵ Ngakho-ke, yilowo lalowo wenu kumele alahle amanga akhulume iqiniso kumakhelwane wakhe ngoba sonke siyizitho zomzimba munye. ²⁶ “Ekuthukutheleni kwenu lingoni”†: Ilanga kalingatshoni lilokhu lithukuthele ²⁷ njalo lingamniki indawo yokugxila uSathane. ²⁸ Lowo obekade entshontsha kangantshontshi futhi kodwa kumele asebenze, enze ulutho oluhle ngezandla zakhe ukuze abe langakwabela abaswelayo.

²⁹ Akungabi lenkulumo embi ephuma emilonyeni yenu kodwa okusizayo ekwakheni abanye ngokwezinswelo zabo, ukuba kusize labo abalalelayo. ³⁰ Njalo lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu elabekwa ngaye uphawu lwelanga lokuhlengwa. ³¹ Susani yonke inzondo, ulaka lokuthukuthela, ingxabano lesinyeyo, kanye lobubi bonke. ³² Wobani lomusa kanye lozwelo komunye lomunye wenu njalo lithethelelane njengalokhu uNkulunkulu walithethelela ngoKhristu.

5

¹ Ngakho-ke, wobani ngabalingiseli bakaNkulunkulu njengabantwana abathandwa kakhulu ² liphile impilo yothando, njengalokhu uKhristu wasithanda wazinikela ngenxa yethu njengomnikelo olephunga eliminandi lomhlatshele kaNkulunkulu.

³ Kodwa phakathi kwenu Akungabikhona umthonselanyana wokuhlobonga loba uhlobo luphi lokungcola kumbe ubuhwaba ngoba lezizinto kazifanelanga ebantwini abangcwele bakaNkulunkulu. ⁴ Njalo akumelanga kube lenhlamba lenkulumo zobuthutha loba ubuphoxo khona okuyizinto ezingafanelanga kodwa kakube lokubonga. ⁵ Ngoba kuliqiniso ukuthi: Akulamuntu oyisixhwali, ongcolileyo loba oyisihwaba, umuntu onjalo ukhonza izithombe, olelifa embusweni kaKhristu lokaNkulunkulu. ⁶ Lingavumi ukukhohliswa ngumuntu ngamazwi ayize ngoba ngenxa yezinto ezinje ulaka lukaNkulunkulu lwehlela phezu kwalabo abangalaleliyo. ⁷ Ngakho lingahlanganyeli labo.

⁸ Ngoba lake laba yibumnyama kodwa kathesi seliyikukhanya eNkosini. Philani njengabantwana bokukhanya ⁹ (ngoba izithelo zokukhanya zikhona kubo bonke ubuhle lokulunga kanye leqiniso) ¹⁰ lidinge

okuthokozisa iNkosi. ¹¹ Lingahlanganyeli ezenzweni zobumnyama ezingelazithelo kodwa zichayeni sobala. ¹² Ngoba kulihlazo lokukutsho nje okwenziwa yizigangi ensitha. ¹³ Kodwa konke okuvezwe obala yikukhanya kuyabonakala, ¹⁴ ngoba yikukhanya okwenza izinto zonke zibonakale. Yikho-nje kuthiwa:

“Phaphama, wena oleleyo,
vuka kwabafuleyo,
uKhristu uzakhanya kuwe.”

¹⁵ Ngakho-ke, qaphelani kakhulu ukuba liphila njani, kungabi njengezithutha kodwa njengabahlakaniphileyo, ¹⁶ liwasebenzise ngokupheleleyo amathuba wonke ngoba insuku zimbi. ¹⁷ Ngakho-ke, lingabi yiziwula kodwa qedisani ukuthi intando kaThixo iyini. ¹⁸ Lingadakwa liwayini okuthungamela ekoneni. Kodwa gcwaliswani ngoMoya, ¹⁹ likhulumisana omunye komunye ngamahubo, amaculo kanye lezingoma zakoMoya. Hlabelani lenzele iNkosi imiculo ezinhliziyweni zenu ²⁰ limbonge kokuphela uNkulunkulu uBaba kukho konke, ngebizo leNkosi yethu uJesu Khristu.

Izeluleko Ezimulini ZamaKhristu

²¹ Zehliseni omunye komunye lihlonipha uKhristu.

²² Bafazi, zehliseni kubomkenu njengaseNkosini. ²³ Ngoba indoda yinhloko yomfazi njengoKhristu eyinhloko yebandla elingumzimba wakhe, yena onguMsindisi walo. ²⁴ Ngakho njengebandla lizehlisa kuKhristu ngokunjalo abesifazane kumele bazehlise kubomkabo ezintweni zonke.

²⁵ Madoda thandani omkenu njengoKhristu owathanda ibandla wazinikela ngenxa yalo ²⁶ ukuba alenze libengcwele, elihlambulula ngokuligezisa ngamanzi esebenzisa ilizwi, ²⁷ kanye lokulethula kuye njengebandla elilenkazimulo, elingelasici loba ukuba mxhilibane kumbe esinye nje isici kodwa lingcwele njalo lingelacala. ²⁸ Ngokunjalo, amadoda kumele athande omkawo njengemizimba yawo. Lowo othanda umkakhe uyazithanda yena ngokwakhe. ²⁹ Belo, kakho owake wazonda umzimba wakhe kodwa uwunika ukudla awulondoloze njengokwenziwa nguKhristu ebandleni, ³⁰ ngoba thina siyizitho zomzimba wakhe. ³¹ “Ngenxa yalokhu indoda izatshiya uyise lonina ihlanganiswe lomkayo njalo ababili laba bazakuba nyamanye.”* ³² Le yimfihlakalo enkulu kodwa mina ngikhuluma ngoKhristu lebandla. ³³ Kodwa omunye lomunye wenu laye kathande

* 5:31 5.31 UGenesisi 2.24

umkakhe njengoba ezithanda, lomfazi kumele ahloniphe indoda yakhe.

6

Abantwana Labazali

¹ Bantwana lalalani abazali benu eNkosini ngoba lokhu kulungile. ² “Hlonipha uyihlo lonyoko,” okungumlayo wakuqala olesithembiso, ³ “ukuze kukulungele lokuba ube lempilo ende emhlabeni.”*

⁴ Bobaba†, lingabathukuthelisi abantwana benu kodwa bondleni ngokufundisa langokulaya kweNkosi.

Izigqili Lamakhosi

⁵ Zisebenzi, lalalani amakhosi enu asemhlabeni ngenhlonipho langokwesaba, langobuqotho benhliziyo, ngendlela elingalalela ngayo uKhristu. ⁶ Lingawalaleli ukuba liwathokozise nje kuphela nxa elikhangele kodwa njengezisebenzi zikaKhristu, lisenza intando kaNkulunkulu kuvela ezinhliziyweni zenu. ⁷ Sebenzani ngenhliziyo yonke kube sengathi lisebenzela iNkosi hatshi abantu ⁸ ngoba liyakwazi ukuthi iNkosi izakupha umuntu wonke umvuzo ngenxa yokuhle akwenzayo loba eyisigqili kumbe ekhululekile.

⁹ Lani makhosi phathani izigqili zenu ngendlela efanayo. Lingazisongeli njengoba likwazi ukuthi lowo oyiNkosi yazo leyenu usezulwini njalo akukho ubandlululo kuye.

Isihlangu SikaNkulunkulu

¹⁰ Ekucineni, qinani eNkosini lasemandleni ayo amakhulu. ¹¹ Fakani isihlangu esipheleleyo sikaNkulunkulu ukuze lenelise ukumelana lamacebo kaSathane. ¹² Ngoba kasilwi lenyama legazi kodwa silwa lababusi, lemibuso kanye lamandla omhlaba lo ogcwele ubumnyama, silwe njalo lamabutho emimoya emibi emibusweni yasamazulwini. ¹³ Ngakho-ke, fakani isihlangu esipheleleyo sikaNkulunkulu ukuze kuthi lapho usuku lobubi lufika libe lamandla okuma kuthi lalapho selenze konke, lime. ¹⁴ Manini liqine, ibhanti leqiniso libotshelwe ngensimbi ezinkalweni zenu, lesihlangu sasesifubeni sokulunga sisendaweni yaso, ¹⁵ lezinyawo zenu ziggokiswe zalungiselelwa ngokuvula evangelini lokuthula. ¹⁶ Phezu kwakho konke lokhu, thathani ihawu lokukholwa elizacitsha ngalo yonke imitshoko yomubi evuthayo. ¹⁷ Thathani ingowane yokusindiswa lenkemba kaMoya eyilizwi likaNkulunkulu.

* 6:3 6.3 UDutheronomi 5.16 † 6:4 6.4 Kumbe Bazali

¹⁸ Khulekani ngoMoya ezikhathini zonke ngezinhlolo zonke zemikhuleko lezicelo. Lilalokhu emicabangweni, qaphelani liqhubeke kokuphela libakhulekela bonke abantu beNkosi abangcwele. ¹⁹ Lami lingikhulekele ukuba kokuphela lapho ngivula umlomo wami, ngiphiwe amazwi ukuze ngitshumayele ngesibindi imfihlakalo yevangeli, ²⁰ engingumeli walo ngibotshwe ngamaketane. Khulekani ukuba ngilitshumayele ngesibindi njengokumele ngikwenze.

Ukuvalelisa

²¹ UThikhikhasi umzalwane othandekayo loyinceku ethembekileyo eNkosini uzalitshela konke ukuze lani lazi ukuba ngenjani kanye lengikwenzayo. ²² Ngimthuma kini ngenjongo yokuthi likwazi ukuthi sinjani lokuthi alikhuthaze.

²³ Ukuthula kakube kubazalwane, lothando lokukholwa okuvela kuNkulunkulu uYise laseNkosini uJesu Khristu.

²⁴ Umusa kawube kubo bonke abayithandayo iNkosi yethu uJesu Khristu ngothando olungapheliyo.

Incwadi KaPhawuli KwabaseFiliphi

¹ Uphawuli loThimothi, inceku zikaKhristu uJesu,

Lakubo bonke abangcwele kuKhristu uJesu eFiliphi kanye lababonisi labadikoni:

² Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba leNkosini uJesu Khristu kakube kini.

Ukubonga Lokukhuleka

³ Ngiyambonga uNkulunkulu wami izikhathi zonke lapho ngilikhumbula. ⁴ Emikhulekweni yami yonke ngilikhulekela lonke, ngihlezi ngikhuleka ngokuthokoza ⁵ ngenxa yokuhlanganyela kwenu evangelini kusukela ngosuku lwakuqala kuze kube khathesi, ⁶ ngilethemba lokuthi lowo owaqalisa umsebenzi omuhle kini uzawuqhubekisela phambili kuze kube lusuku lukaKhristu uJesu.

⁷ Kuqondile ukuthi ngicabange ngokunjalo ngenxa yenu lonke, njengoba ngilani enhliziyweni yami njalo lanxa ngibotshiwe kumbe ngivikela ivangeli loba ngiliqinisa, lonke lihlanganyela lami emuseni kaNkulunkulu. ⁸ UNkulunkulu angafakaza ukuthi lonke ngilifiselani gothando lukaKhristu uJesu.

⁹ Umkhuleko wami ngowokuthi uthando lwenu lwande kokuphela ekwazini lasekuzikeni kokuqedisisa ¹⁰ ukuze lenelise ukubona okuhle njalo lihlambuluke lingabi lasici kuze kube lusuku lukaKhristu, ¹¹ ligcwele izithelo zokulunga ezibuya ngoJesu Khristu ekudunyisweni lasekubongweni kukaNkulunkulu.

Ukubotshwa KukaPhawuli Kuqhubekelisa Ivangeli Phambili

¹² Bazalwane, ngifuna ukuba lazi ukuthi okwenzakale kimi kusizile impela ekuqhubekeliseni ivangeli phambili. ¹³ Ngalokho, sekube sobala kubo bonke abalindi besigodlo lakwabanye bonke ukuthi ngibotshelwe uKhristu. ¹⁴ Ngenxa yokubotshwa kwami, abazalwane abanengi sebelethemba eNkosini njalo sebelesibindi esikhulu sokutshumayela ilizwi likaNkulunkulu bengelakwesaba.

¹⁵ Kuliqiniso ukuthi abanye batshumayela uKhristu ngenxa yomona lombango kodwa abanye ngenxa yesifiso

esihle. ¹⁶ Laba benza lokhu ngothando bekwazi ukuthi ngifakwe lapha ukuba ngivikele ivangeli. ¹⁷ Abakuqala batshumayela ngoKhristu ngokuzikhukhumeza, bengeqotho, becabanga ukuthi bangangidalela uhlupho ngisekubotshweni. ¹⁸ Kodwa-ke, kusizani pho? Into eqakathekileyo yikuthi ngezindlela zonke, ingabe kuyinjongo engalunganga loba eyeqiniso, uKhristu uyatshunyayelwa. Njalo ngenxa yalokhu mina ngiyathokoza.

Yebo, ngizaqhubeka ngithokoza, ¹⁹ ngoba ngiyazi ukuthi ngemikhuleko yenu langosizo lukaMoya kaJesu Khristu, okwenzakale kimi kuzaletha ukukhululwa kwami. ²⁰ Ngokutshiseka ngilindele njalo ngithemba ukuthi angiyikuyangeka langayiphi indlela, kodwa ngizakuba lesibindi esaneleyo ukuze kuthi khathesi njengenjwayelo uKhristu uzakudunyiswa emzimbeni wami, loba ngokuphila kumbe ngokufa. ²¹ Ngoba kimi, ukuphila kunguKhristu lokufa kuyinzuzo. ²² Nxa ngingaqhubeka ngiphila emzimbeni, lokhu kuzakutsho umsebenzi olezithelo kimi. Kodwa-ke, kuyini engizakukhetha? Angazi! ²³ Ngiphakathi kwakho kokubili: Ngifisa ukusuka ngibe loKhristu, okungcono kakhulu; ²⁴ Kodwa kuyasweleka kakhulu kini ukuba ngibe ngilokhu ngiphila kulumzimba. ²⁵ Sengikholwe lokhu, ngiyakwazi ukuthi ngizakuba khona, njalo ngizaqhubeka ngilani lonke ngenxa yokuthuthuka kwenu lokuthokoza ekukholweni, ²⁶ ukuze kuthi ngokubalani kwami futhi, ukuthokoza kwenu kuKhristu uJesu kuzakwanda ngenxa yami.

Impilo Efanele Ivangeli

²⁷ Loba kusenzakalani, lina ziphatheni ngendlela efanele ivangeli likaKhristu. Ngakho, langabe ngiyeza ukuzalibona loba ngizwe nje kuphela ngani ngingekho, ngizakwazi ukuba liqinile ngaMoya munye, lilwela ukholo lwevangeli njengomuntu munye, ²⁸ kungekho kwethuswa langayiphi indlela yilabo abaliphikisayo. Lokhu kuyisibonakaliso kubo ukuthi bazachithwa, kodwa lina lizasindiswa nguNkulunkulu. ²⁹ Ngoba kunikelwe kini ngenxa kaKhristu kungasikukholwa kuye kuphela, kodwa lokumhluphekela, ³⁰ njengoba lilwisa hlupho lunye elabona ngilalo, lakhathesi liyezwa ukuba ngilokhu ngilalo.

2

Ukulingisela Ukuthobeka KukaKhristu

¹ Nxa kukhona okukhuthazayo ngokuhlangana loKhristu, nxa kulenduduzo evela ethandweni lwakhe,

nxa kulobudlelwano loMoya, nxa kulozwelo lesihawu,
² phelelisani intokozo yami ngokuba ngqondo nye,
 lilothando lunye, limunye emoyeni njalo linjongo yinye.
³ Lingenzi lutho ngokuzikhukhumeza loba ukuziphakamisa
 okuyize. Kodwa ngokuthobeka khangelani abanye
 njengabangcono kulani ⁴ lingazikhathaleli izifiso zenu
 lodwa kodwa likhathalele lezifiso zabanye.

⁵ Ekuphilisaneni kwenu, isimo sengqondo yenu kumele
 sifanane lesikaKhristu uJesu,

⁶ Yena okwathi ngemvelo enguNkulunkulu,
 kacabanganga ukulingana loNkulunkulu
 kuyilutho olungafinyelelwa,

⁷ kodwa wazithoba,
 wathatha isimo senceku,
 yena elesimo somuntu.

⁸ Wathi ebunjwe wabonakala njengomuntu,
 wazehlisa
 walalela kwaze kwaba sekufeni,
 ukufa kwasesiphambanweni!

⁹ Ngakho-ke, uNkulunkulu wamphakamisela endaweni
 ephezulu kakhulu,

wamnika ibizo elingaphezu kwamabizo wonke,

¹⁰ ukuba amadolo wonke aguqe ebizweni likaJesu,
 ezulwini lasemhlabeni kanye langaphansi komhlaba,

¹¹ lezindimi zonke zivume ukuthi uJesu Khristu uyiNkosi,
 kube ludumo lukaNkulunkulu uYise.

Ukucwebezela Njengezinkanyezi

¹² Ngakho-ke, bangane bami abathandekayo, njengoba
 lihlezi lilalela kungayisikho ukuthi ngikhona kuphela
 kodwa ikakhulu nxa ngingekho, qhubekani liseben-
 zela ukusindiswa kwenu ngokwesaba langokuthuthumela
¹³ ngoba nguNkulunkulu osebenzayo phakathi kwenu
 ukuba lifune njalo lenze okumthokozisayo.

¹⁴ Yenzani konke kungela kusola kumbe ukuphikisana
¹⁵ ukuze libe ngabantwana bakaNkulunkulu abangelasici
 labahlambulukileyo, abamsulwa phakathi kwesizukulwane
 esonakeleyo lesixhwalileyo, lina elicwebezela phakathi
 kwaso liletha ukukhanya emhlabeni ¹⁶ ligadlela ilizwi
 lokuphila. Ngalokho ngizazincoma ngosuku lukaKhristu
 ukuthi kangigijimelanga kumbe ngasebenzela ize. ¹⁷ Kodwa
 lanxa ngithululwa njengomnikelo wokunathwa phezu
 komhlathshelo lenkonzo evela ekukholweni kwenu, ngiy-
 athaba ngithokoza lani lonke. ¹⁸ Ngakho-ke, lani njalo
 thabani lithokoze lami.

UThimothi Lo-Ephafrodithusi

¹⁹ Ngiyethemba eNkosini uJesu ukuba ngizathuma uThimothi kini masinyane ukuba lami ngithokoze lapho ngisamukela izindaba ngani. ²⁰ Kangilaye omunye onjengaye, othakazelela inhlalakahle yenu ngobuqotho. ²¹ Ngoba abantu bonke bazifunela okwabo, hatshi okukaJesu Khristu. ²² Kodwa lina liyakwazi ukuthi uThimothi usezifakazele ngoba njengendodana eloyise usesebenze lami emsebenzini wevangeli. ²³ Ngakho-ke, ngithemba ngizamthuma masinyane lapho sengibonile ukuba izinto zingihambela njani. ²⁴ Njalo ngiyathemba eNkosini ukuthi lami uqobo ngizakuza masinyane.

²⁵ Kodwa ngibona kufanele ukuthi ngimthume kini futhi u-Ephafrodithusi, umzalwane wami, obambisane lami umsebenzi lolibutho kanye lami, oyisithunywa senu futhi, elamthumayo ukuthi angisize ngendingeko zami. ²⁶ Ngoba uyalilangatha lonke njalo ukhathazekile njengoba lezwa ukuthi wayegula. ²⁷ Ngempela wayegula njalo waphose wafa. Kodwa uNkulunkulu waba lesihawu kuye, kungayisikho kuye kuphela kodwa lakimi ukuba angiphephise osizini phezu kosizi. ²⁸ Ngakho-ke, ngitshisekela kakhulu ukumthuma ukuze kuthi lapho limbona futhi lithokoze lami ngikhathazeke okunganeno. ²⁹ Mamukeleni eNkosini ngokuthokoza okukhulu njalo libahloniphe abantu abanjengaye ³⁰ ngoba waphosa wafela umsebenzi kaKhristu, wafaka impilo yakhe engozini ukuze angiphe usizo elingangiphanga lona.

3

Akulathemba Emzimbeni

¹ Okokucina, bazalwane, thokozani eNkosini! Akusihlupho kimi ukulilobela ngezinto ezifanayo futhi ngoba lokho kuyisivikelo kini. ² Qaphelani izinja lezo, abantu labo abenza okubi lalabo abalimaza umzimba. ³ Ngoba thina yithi abokusokwa, thina esikhonza uNkulunkulu ngoMoya wakhe, esiziqhenya ngoKhristu uJesu njalo esingabeki ithemba kokwenyama ⁴ lanxa nje mina ngokwami ngilezizatho zethemba elinjalo.

Nxa kulomuntu ocabanga ukuthi ulezizatho zokuthemba okwenyama, mina ngilezinengi: ⁵ ngasokwa ngosuku lwe-sificaminwembili, ngingowako-Israyeli, owesizwana sakoBhenjamini, umHebheru wamaHebheru; ngokomthetho, ngingumFarisi; ⁶ ngokutshiseka, ngahlukuluza ibandla; ngokulunga okugxile emthethweni, angilacala.

⁷ Kodwa loba kuyini okwakuyinzuzo kimi khathesi ngikubala njengokulahlekelwa ngenxa kaKhristu. ⁸ Phezu kwalokho, konke ngikubona kuyize lapho kulinganiswa lobukhulu obumangalisayo bokwazi uKhristu Jesu iNkosi yami esengilahlekelwe yizinto zonke ngenxa yakhe. Ngikubona kuyimfucuza ukuze ngizuze uKhristu ⁹ njalo ngitholakale kuye, ngingelakulunga okungokwami okuvelela emthethweni, kodwa lokho kungenxa yokukholwa kuKhristu, ukulunga okuvela kuNkulunkulu njalo okungokukholwa. ¹⁰ Ngifuna ukumazi uKhristu lamandla okuvuka kwakhe ekufeni lobudlelwano bokuhlanganyela ekuhluphekeni kwakhe, ngibe njengaye ekufeni, ¹¹ ukuze ngenye indlela, ngithole ukuvuka kwabafileyo.

¹² Akusikuthi sengikuzuzile konke lokhu loba ukuthi sengiphelelisiwe kodwa ngilwisa ukuba ngibambe lokho uKhristu Jesu angibambela khona. ¹³ Bazalwane, angikazibali njengosekubambile lokho. Kodwa yinye into engiyenzayo, ngiyakukhohlwa okusemuva ngizama ngamandla ukufinyelela kokuphambili, ¹⁴ ngilwisa ukuthi ngiyefinyelela ekucineni ukuba ngithole umvuzo uNkulunkulu angibizela wona ezulwini ngoKhristu uJesu.

Ukulingisa Isibonelo SikaPhawuli

¹⁵ Sonke thina esesiphelele kumele sikhangele izinto ngengqondo enjalo. Nxa kokunye licabanga ngokwehlukileyo, lalokho uNkulunkulu uzakwenza kucace kini. ¹⁶ Kuphela nje kasiqhubekeni ngalokho esesikuzuzile.

¹⁷ Bazalwane, hlanganyelani labanye ekulandeleni isibonelo sami, libananzelele labo abaphila ngokwesibonelo esalitshengisa sona. ¹⁸ Ngoba, njengoba ngangihlala ngilitshela kuqala lakhathesi ngiyatsho futhi langezinyembezi ukuthi abanengi baphila njengezitha zesiphambano sikaKhristu. ¹⁹ Isiphetho sabo yikubhubha, unkulunkulu wabo yisisu sabo, lodumo lwabo lusehlazweni labo. Inggqondo yabo isezintweni zasemhlabeni. ²⁰ Kodwa elethu ikhaya lisezulwini. Njalo simlindele ngokutshiseka uMsindisi evela khonale, iNkosi uJesu Khristu, ²¹ yena okuzakuthi ngamandla amenza abeke izinto zonke ngaphansi kwakhe, uzaguqula imizimba yethu elesimo esiphansi ibe njengomzimba wakhe olenkazimulo.

4

Isicelo Sokuma Ngesibindi Lokubambana

¹ Ngakho-ke bazalwane bami, lina engilithandayo lengilikhumbulayo, liyintokozo yami lomqhele wami, kumele liqine kanjalo eNkosini bangane abathandekayo!

² Ngiyamncenga uYuwodiya loSintikhe ukuba bavumelane eNkosini. ³ Ngiyakucela mhlobo wami oqotho, siza abesifazane labo abasebenza lami kanzima ngenxa yevangeli, kanye loKlementi labanye engisebenza labo, abalamabizo abo asencwadini yokuphila.

Ukukhuthaza Kokucina

⁴ Thokozani eNkosini kokuphela. Ngiyatsho futhi ngithi: Thokozani! ⁵ Ukuthobeka kwenu kakubonakale kubo bonke. INkosi isiseduze. ⁶ Lingakhathazeki kodwa ngazo zonke izikhathi bikani izicelo zenu kuNkulunkulu ngokukhuleka, ngokuncenga langokubonga. ⁷ Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqedisisa konke kuzabusa inhliziyu zenu lezingqondo zenu kuKhristu uJesu.

⁸ Okokucina bazalwane, konke okuliqiniso, lokulesithunzi, lokulungileyo, lokuhlambulukileyo, lokuhle, lokubukekayo, nxa ulutho luluhle kakhulu loba lubongeka, cabangani ngezinto ezinje. ⁹ Loba kuyini elikufundileyo loba elikwamukeleyo loba elikuzwileyo kuvela kimi, loba elikubonileyo kimi, kwenzeni. UNkulunkulu wokuthula uzakuba lani.

Ukubonga Izipho Zabo

¹⁰ Ngiyathokoza kakhulu eNkosini ngokuthi khathesi selize lavuselela ukungikhathalela kwenu. Impela kade likhathazeka kodwa lingelalo ithuba lokukubonakalisa. ¹¹ Kangitsho lokhu ngenxa yokuthi ngiyaswela ngoba sengafunda ukwaneliseka kuyo yonke imimo. ¹² Ngiyakwazi ukuba ukuswela kuyini njalo ngiyakwazi ukuba kuyini ukuba lokunengi. Sengafunda imfihlo yokwaneliseka kuzozonke izimo, langabe ngiyasutha loba ngilambile, loba ngilokunengi kumbe ngiswela. ¹³ Ngingazenza zonke izinto ngaye onginika amandla.

¹⁴ Kodwa kwakukuhle ukuthi lihlanganyele lami ekuhluphekeni kwami. ¹⁵ Phezu kwalokho, lina bantu baseFiliphi liyakwazi ukuthi ensukwini elaqala ngazo ukwazi ivangeli ngesikhathi ngisuka eMasedoniya, akukho lalinye ibandla elahlanganyela lami endabeni yokupha lokwamukela ngaphandle kwenu kuphela; ¹⁶ ngoba langesikhathi ngiseThesalonika langithumela usizo kanengi lapho ngidinga uncedo. ¹⁷ Akusikuthi ngifuna isipho kodwa ngifuna okuzakuba yinzuzo kini. ¹⁸ Sengamukele umvuzo ogcweleyo lodlulisileyo; ngiphiwe okwaneleyo njengoba khathesi sengamukele ku-Ephafrodithusi izipho elazithumelayo. Zingumnikelo wephunga elimnandi, umhlatshele owamukelekayo lothokozisa uNkulunkulu.

19 UNkulunkulu wami uzakugcwalisa konke ukuswela kwenu ngenkazimulo yenotho yakhe kuKhristu uJesu.

20 Udumo kalube kuNkulunkulu uBaba kuze kube nini lanini. Ameni.

Ukuvalelisa

21 Bingelelani bonke abangcwele abakuKhristu.

Abazalwane abalami bayalibingelela.

22 Abangcwele bonke bayalibingelela, ikakhulu labo abangabendlu kaKhesari.

23 Umusa weNkosi uJesu Khristu kawube lomoya wenu.

Incwadi KaPhawuli KwabaseKholose

¹ UPhawuli, umpostoli kaKhristu uJesu ngentando kaNkulunkulu, loThimothi umzalwane wethu,

² Lakubazalwane abangcwele labathembekileyo kuKhristu abaseKholose:

Umusa lokuthula kakube kini kuvela kuNkulunkulu uBaba wethu.

Ukubonga Lokukhuleka

³ Sihlezi simbonga kokuphela uNkulunkulu, uBaba weNkosi yethu uJesu Khristu, nxa silikhulekela, ⁴ ngoba sizwile ngokukholwa kwenu kuKhristu uJesu langothando elithanda ngalo abangcwele bonke. ⁵ Ukukholwa lothando okuvela ethembeni eligcinelwe lina ezulwini, eselezwa ngalo elizwini leqiniso, elilivangeli ⁶ eselifikile kini. Emhlabeni wonke ivangeli leli lithela izithelo njalo liyakhula njengebelikwenza phakathi kwenu kusukela nge-
langa elalizwa ngalo lawuqedisisa umusa kaNkulunkulu ngawo wonke amaqiniso alo. ⁷ Lalifundiswa ngu-Ephafrasi oyinceku ethandekayo, ongumfundisi othembekileyo kaKhristu emele thina, ⁸ owasitshela ngothando lwenu kuMoya.

